Downloaded from Stanmorephysics.com

KWAZULU-NATAL PROVINCE

EDUCATION
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

CURRICULUM GRADE 10 -12 DIRECTORATE

NCS (CAPS) SUPPORT

JIT DOCUMENT

ISIZULU FAL: PAPER 1, 2 & 3

GRADE 12

QEQESHA 3 (REVISION BOOKLET)

2025

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISETHULO

UMnyango WeMfundo KwaZulu-Natali ngezwi loMqondisi wakwa FET ngezandla zabeluleki besifundo nothisha abangabalekeleli boLimi lwesiZulu bethula le nsiza kufundisa nokufunda ehlose ukwelekelela ekufukuleni izinga lokuphunyelelwa ngamalengiso kwesiZulu esifundiswa ngaphansi kohlelo luka-CAPS (Tahfuzwe). Leli bhuku liyinsiza edinga ukwesekelwa ngezinye kepha engumhlahlandlela ekufundisweni nasekubuyekezeni kwalezi zinto ebezingekho olimini esezifakwe ngokohlelo lwemfundo esekwe emiphumeleni. Lo ngumngenela ohlose ukwelekelela uthisha ezingqinambeni abhekana nazo nsuku zonke ekufundiseni kwakhe.

Abeluleki bayoba abachasisi balokhu njengoba bezobamba izinkuthaza kwenza emadistrikthini abo.

OKULINDELEKILE

- Kuba nesiqeshana esinamagama angama-80 kuya kwayi-100
- Imibuzo ihlukaniswe kabili: 5.1 isiqeshana (14 amamaki)
  5.2 isithombe (6 amamaki)
- Yonke imibuzo ihlola uhlelo nolimi (grammar and language)
- Imibuzo ihambisana nesiqeshana
- Imibuzo ilandela amazinga obulukhuni bemibuzo yokuhlola
- Kufanele kube nombuzo owodwa wokukhetha impendulo (multiple choice)
- onika izimpendulo ezine okukhethwa kuzo (A-D)
- Isithombe kufanele sicace bha
- Isithombe kufanele sibhalwe izinombolo uma sihlukaniswe ngamafreyimu amabili (Isithombe soku-1 Isithombe sesi-2)

QAPHELA- ukuhlolisisa indlela ulimi olusetshenziswa ngayo (uhlobo lolimi, imizwa, ukuchema, ukucwasa, njl.) **akuhlolwa** kulo mbuzo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

OKUQUKETHWE

UMSEBENZI 1- ISIVIVINYO SOKUQONDISISA YENZA IMPILO IBE LULA..... 7

UMSEBENZI 2. UMBHALO B. AMAPHESENTI ABANTU..... 10

AMAPHESENTI ABANTU ABASEBENZISA IZINKUNDLA ZOKUXHUMANA NGOKWEMINYAKA. 10

UMSEBENZI 3. UKUFINGQA UMHLABA UNGABA YINI NGAPHANDLE KOMAMA 11

UMHLABA UNGABA YINI NGAPHANDLE KOMAMA! 11

UMSEBENZI 4. UKUFINGQA. SIBONGA UMA KUNJANI 12

SIBONGA UMA KUNJANI?..... 12

UMSEBENZI 5 13

WINA I 'TOYOTA STARLET' ENTSHA SHA! 13

UMSEBENZI 6 14

ISIYATHOLAKALA INCWADI YABO BONKE ABAFUNDI ABAFUNDA ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA 14

UMSEBENZI 7 16

IKHATHUNI 16

UMSEBENZI 8 18

ISIGABA ESIMNANDI KUMNTWANA..... 18

UMSEBENZI 9 19

UMBHALO OBUKWAYO 19

UMSEBENZI 10 20

IMPILO ISEMHLABATHINI 20

UMSEBENZI 11 21

BUKA LESI SITHOMBE 21

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA....22
UMSEBENZI 1....22
UMSEBENZI 2....23
UMSEBENZI 3....23
UMSEBENZI 4....24
UMSEBENZI 5....25
UMSEBENZI 6....25
UMSEBENZI 7....26
UMSEBENZI 8....26
UMSEBENZI 9....27
UMSEBENZI 10....27
UMSEBENZI 11....27

UMSEBENZI 13- INJA NENGALO....41

UMSEBENZI 14 - AMATHUNZI EZINTABA....43

UMSEBENZI 15 – NOMA NINI....44

UMSEBENZI 16 – INSIMB' EDL' EZINYE....45

UMSEBENZI 17 – INGCEBO YEZICEBI....47

UMSEBENZI 18 - UMAKHONYA....49

UMSEBENZI 19 – KUDLA FUMUKA KUDLE SILAZA....51

UMSEBENZI 20 - IZIMOMONDIYA....53

UMSEBENZI 21 - NONKULLEKO....55

UMSEBENZI 22 – STHANDWA SAMI....57

UMSEBENZI 23 – YOBE NSIZWE' ENYE....59

UMSEBENZI 24 – SIPHUKUPHUKU NDINI....60

UMSEBENZI 25 – KOMILE GEQE....61

UMSEBENZI 26 - INGQALABUTHO....63

UMSEBENZI 12- WAKUBONA WAKUBELETHA (MEMO)....65

UMSEBENZI 13 - INJA NENGALO (MEMO)....65

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 14 - AMATHUNZI EZINTABA (MEMO) 66

UMSEBENZI 15 - NOMA NINI (MEMO) 67

UMSEBENZI 16 - INSIMBI EDLA EZINYE (MEMO) 68

UMSEBENZI 17 - INGCEBO YEZICEBI (MEMO) 69

UMSEBENZI 18 - UMAKHONYA (MEMO) 70

UMSEBENZI 19 KUDLA FUMUKA KUDLE SILAZA (MEMO) 71

UMSEBENZI 20. IZIMOMONDIYA. (MEMO) 72

UMSEBENZI 21. NONKULULEKO. (MEMO) 73

UMSEBENZI 22. SITHANDWA SAMI. (MEMO) 74

UMSEBENZI 23. YOBE NSIZW' ENYE. (MEMO) 75

UMSEBENZI 24. -SIPHUKUPHUKU NDINI. (MEMO) 75

UMSEBENZI 25. KOMILE GEQE. (MEMO) 76

UMSEBENZI 26. INGQALABUTHO. (MEMO) 77

IPHEPHA LESI-3 78

UMSEBENZI 27. ISIBUYEKEZO 78

UMSEBENZI 28 ISIBUYEKEZO. UMSEBENZI WASEKILASINI/ WASEKHAYA 79

UMSEBENZI 28. UMLANDO NGOMUFI. 80

UMSEBENZI 29. UMLANDO NGOMUFI. UMSEBENZI WASEKILASINI/WASEKHAYA 81

UMSEBENZI 30. UKUBHALA UMBIKO/IRIPHOTHI 82

UMSEBENZI 31 UKUBHALA UMBIKO/IREPHOTHI UMSSEBENZI WASEKILASINI /WASEKHAYA 83

UMSEBENZI 32. INKULUMO ELUNGISELELWE 84

UMSEBENZI 33. INLUMO ELUNGISELELWE UMSEBENZI WASEKHAYA/ WASEKILASINI 84

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 34. ISIKHANGISO. UMSEBENZI WASEKHAYA /WASEKILASINI 85

UMSEBENZI 35. ISIKHANGISO. UMSEBENZI WASEKILASINI/ WASEKHAYA 86

UMSEBENZI 36. IKHADI LESIMEMO 87

UMSEBENZI 37. IMPENDULO YESIMEMO. UMSEBENZI WASEKILASINI/ WASEKHAYA 88

UMSEBENZI 38. IDAYARI 89

UMSEBENZI 39. IDAYARI. UMSEBENZI WASEKILASINI/ WASEKHAYA 89

UMSEBENZI 40. UMYALEZO OMFUSHANE (WHATSAPP) 90

UMSEBENZI 41. IMPENDULO YOMYALEZO. UMSEBENZI WASEKILASINI/WASEKHAYA 91

UMSEBENZI 42. IRESIPHI 92

UMSEBENZI 43. UKUBHALA UMYALELO. UMSEBENZI WASEKILASINI/ WASEKHAYA 93

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 1- ISIVIVINYO SOKUQONDISISA YENZA IMPILO IBE LULA

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

YENZA IMPILO IBE LULA

1 Impilo isilula kwezokuxhumana. Lokhu kwenziwa ukukhula kwezobuchwepheshe. Okufanele ukwenze ukuzijwayeza ngobuchwepheshe ('technology') obukhona. Kudala izinto ezenzeka emhlabeni besizithola kuphela emaphephandabeni, komabonakude nasemisakazweni. Esikhathini samanje sekukhona izinkundla eziningi zokuxhumana nezokuthola ulwazi esiludingayo ngokushesha. I-inthanethi yiyona esetshenziswa kakhulu kwezokuxhumana kanti I-Google igcina lonke ulwazi ngezinto abantu abafuna ukuzazi.

2 Okulandela i-inthanethi ngokuthandwa kakhulu kwezokuxhumana, omakhalekhukhwini abano-*Facebook, BBM, WhatsApp, Twitter*, *Instagram* nokunye. Alishoni ilanga ungezwanga umuntu ethi, 'ubongimema ku-*Facebook* naku-WhatsApp noma ungilandele ku-*Twitter* naku-*Instagram*.' Lezi zinkundla zisetshenziswa ngosomabhizinisi, osopolitiki nosaziwayo. Empeleni bonke abantu, abadala nabancane bangene kulezi zinkundla zokuxhumana.

3 Ucwaningo luveza ukuthi u-*Facebook (fb)* yiwona **oyintandokazi** kwezokuxhumana. UMnu. Mark Zuckerberg nguyena owasungula ('invented') u-*fb* ngonyaka wezi-2004 kuFebruwari ezweni laseMelika. Namuhla usugcwele kuwo wonke amazwe ase-Afrika, Asia, Europe namanye. Ngemuva kweminyaka eyisithupha wawusunabalandeli abayisigidi esisodwa (1 million). Namhlanje bangaphezulu kwezigidi ezingamakhulu amahlanu. Lesi sibalo sikhula zonke izinsuku. Isizathu sokuthi uhambe phambili u-*fb* ukuthi ususize abantu abaningi ngokuthi bathole abangani nezihlobo abakade balahlekelana/badukelana nazo. Phela njengoba igama lisho lithi, 'Facebook,' kufakwa isithombe sobuso bomuntu okwenza kube lula ukubona lowo obhale obondeni/odongeni ('wall') lwakhe. Abanye bayathatheka/ bayaheheka uma bebona izithombe ezikhombisa ubuso bomuntu ku-*fb*. Emva kwalokho baqala ukuxhumana baxoxe ezothando baze bagcine sebethandana.

4 U-*WhatsApp* ulandela emva kuka-*fb* ngokusetshenziswa. Empeleni mncane umehluko phakathi kwesibalo sabantu abasebenzisa u-*fb* no-*WhatsApp.* Izikhungo ('institutions') nezinhlangano ezahlukene zakha amaqembu okuxhumana ku-*WhatsApp*. Lokhu kwenza ukuthi amalungu/izimemba zalelo qembu zithole imiyalezo kanye kanye bese zixoxa ndawonye. Imindeni, abangani, abafundi nabasebenza ndawonye nabo basebenzisa indlela efanayo yokuqala amaqembu okuxhumana. Bayakwazi ukudlulisa imibono kalula ngaphandle kokuthi baze babonane ubuso nobuso. Lokhu konga imali nesikhathi. Imicimbi nemihlangano bayihlela baze bayiqede ngokuxoxa emaqenjini. Ezikoleni othisha badlulisa kalula imiyalezo kubafundi noma izikole zivaliwe. Konke lokhu kuyenzeka naku-*Facebook*.

Downloaded from Stanmorephysics.com

5 Izinkundla zokuxhumana ezidume kakhulu kubantu abasemkhakheni wezokungcebeleka ('entertainment industry'), ezemidlalo nezepolitiki i-*Twitter* ne-*Instagram*. Kulezi zinkundla zokuxhumana bathumela izithombe, imiyalezo, abakwenzayo ngaleso sikhathi nezindawo abakuzo. Osopolitiki bayisebenzisa kakhulu ukuqophisana/ukuphikisana nezimbangi ('opponents') zabo. Abanye basuke bethole inkundla ('platform') yokukhankasela amaqembu abo ezepolitiki. Babuye bafake namahlaya okwenza bathole abalandeli abaningi. Labo abasemkhakheni wezokungcebeleka bathola ithuba lokukhangisa imicimbi efana namakhonsathi omculo, ezokuvakasha nokunye. Izinkampani zokusakaza emhlabeni wonke nazo zithumela konke okwenzekayo ku-*Twitter* naku-*Instagram*. Abalandeli babeka imibono, baphawule futhi baphendule ngokubhalwe kulezi zinkundla.

6 **Akukho soka lingenasici**, nakuzona lezi zinkundla zokuxhumana kunezinkinga eziningi. Emakhaya uthola wonke umuntu esebenzisa ifoni yakhe engekho onesikhathi somunye. Abantu bathumela izithombe ezingamukelekile nemibhalo ehlambalazayo nengamanga. Kukhona abafaka amahlazo nezimfihlo zabanye abantu. Lokhu kwehlisa isithunzi sakho wena othumelayo kanye nalowo obhale ngaye. Abanye benza ubugebengu obahlukene obugcina bubafake emajele. Basebenzisa imininingwane yabantu abayithola uma bengena ezinkundleni zokuxhumana. Kunabantu asebaphelelwa yimisebenzi ngoba bechitha isikhathi esiningi kwezokuxhumana. Abanye babhala izinto ezibafaka ezinkingeni emphakathini nasemsebenzini.

7 Ukuhambisana nesikhathi nokuzithuthukisa kwezobuchwepheshe kubalulekile. Akukho ongeke ukwazi ukukwenza uma ukwazi ukungena kulezi zinkundla zokuxhumana. I-imeyili nayo ibamba iqhaza elikhulu kwezokuxhumana. Uyakwazi ukuthola umsebenzi ngokuxhumana nabaqashi usekhaya ngokuthumela i-imeyili. Imiyalezo ethunyelwayo iyasiza uma kunenkinga kwezomthetho ngoba inika ubufakazi obubhalwe phansi.

Impela zinhle lezi zinkundla zokuxhumana kodwa kufanele uzisebenzise ngokucophelela ukuze impilo yakho ibe lula.

[Icashunwe kwi-intanethi yahlelwa kabusha]

1.1.1 Bhala igama ELILODWA esiqeshini elisho indawo okugcinwa nokutholwa kuyo ulwazi. (1)

1.1.2 Bhala izinhlobo EZIMBILI zezinkundla zokuxhumana ezitholakala endabeni. (2)

1.1.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.

U-*Facebook* waqala ukusetshenziswa ezweni lase …

A Asia.
B Afrika.
C Melika.
D Europe. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.1.4 Ngokwale ndaba yini eyenza abantu bathande u-*Facebook* kakhulu? (1)

1.1.5 Umbona kanjani umuntu omaziyo ku-*Facebook*? (1)

1.1.6 Kusiza ngani ukuxoxa ndawonye ku-*WhatsApp* njengeqembu? (2)

1.1.7 Nikeza imisebenzi EMIBILI efanayo eyenziwa u-*WhatsApp* no-*Facebook*. (2)

1.1.8 Yiziphi izizathu ezenza osopolitiki basebenzise izinkundla zokuxhumana? Bhala izizathu EZIMBILI. (2)

1.1.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenziswe endabeni.

(a) Ucwaningo luveza ukuthi u-*Facebook (fb)* yiwona **oyintandokazi** kwezokuxhumana. (2)

(b) **Akukho soka lingenasici**, nakuzona lezi zinkundla zokuxhumana kunezinkinga eziningi. (2)

1.1.10 Izinkundla zokuxhumana zenza kube nokuqhelelana ekhaya. Sekela lesi sitatimende ngokubhekisa esigabeni sesi-6 endabeni. (2)

1.1.11 Chaza ukuthi ukwanda kwezinkundla zokuxhumana kunamthelela muni ekukhuleni kobugebengu. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.1.12 Izinkundla zokuxhumana zinika ubufakazi obungeke buphikiswe. Sekela lesi sitatimende. (2)

1.1.13 Ngokucabanga kwakho kufanele yini wonke amafoni abe nazo zonke izinhlobo zezinkundla zokuxhumana? Sekela impendulo yakho. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 2. UMBHALO B. AMAPHESENTI ABANTU...

1.2 Bukisisa **UMBHALO B** bese uphendula imibuzo elandelayo.

AMAPHESENTI ABANTU ABASEBENZISA IZINKUNDLA ZOKUXHUMANA NGOKWEMINYAKA





[Zicashunwe ku-googlepic.com]

1.2.1 Yiziphi izinkundla zokuxhumana ezisetshenziswa kakhulu abantu abasha (youth) ngokwegrafu engenhla? (1)

1.2.2 Abantu abaneminyaka emingaki abasebenzise u*facebook* no-*instagram* ngokucishe kulingane? (1)

1.2.3 Qhathanisa izinkundla zokuxhumana ezingenhla bese usho ukuthi iyiphi esetshenziswa kakhulu ngabantu bayo yonke iminyaka. (2)

1.2.4 Ngokucabanga kwakho kungani abantu abaneminyaka engama-65 basebenzise kakhulu u*facebook*? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 3. UKUFINGQA UMHLABA UNGABA YINI NGAPHANDLE KOMAMA

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7, ubhale ngokubaluleka komama emphakathini.

IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile

UMBHALO C (OFUNDWAYO)

UMHLABA UNGABA YINI NGAPHANDLE KOMAMA!

Abantu besifazane bayahlonishwa ngemisebenzi abayenzayo emakhaya nasemiphakathini. Babambe iqhaza (role) elikhulu ezindaweni ezahlukene. Kuqala umuntu wesifazane bekuthiwa indawo yakhe isekhishini kanye nokugada abantywana. Esikhathini samanje yibona esebenza imisebenzi ebalulekile.

Kukhona amakhaya angenabo obaba kube khona umama yedwa. Abanye obaba basebenza kude namakhaya abo. Lokhu kugcina sekungumsebenzi kamama ukukhulisa izingane eyedwa. Bavuka ekuseni bayosebenza ukuze izingane zithole ukudla nakho konke okuyizidingo zabo. Bawa bevuka nezingane zabo.

Kukhona amabandla/amasonto acindezela abaesifazane. Isikhathi esiningi abanikwa ithuba lokushumayela. Emasontweni uma uya khona ufica kugcwele abesifazane behamba nezingane. Banezinhlelo (programmes) eziningi zokuthuthukisa ibandla nokufundisa abantwana ngokwenkolo.

Abesifazane bahola isizwe kangcono. Emphakathini banezikhundla ezifana nezobuKhansela, ubuMeya, ukukhulumela imiphakathi, ukuthuthukisa abantu abasha, nokunye. Bahlanganyela nabesilisa emakomitini. Ephalamende nakhona isibalo sabo sikhuphuka ngamandla.

Kunezinkampani ezingeke zime uma bengekho abasefazane. Baningi abesifazane asebevule izinkampani zabo. Iningi labo liyaphumelela ngoba bayakwazi abakufunayo nabakwenzayo. Izinkampani eziningi zinika bona izikhundla zokuba abaphathi ngoba bahola abantu kangcono.

Kukhona abesifazane abagxile kwezolimi. Banamapulazi amakhulu lapho besiza abanye omama emakhaya ukuziqalela izingadi zabo zezitshalo. Imindeni ayikusweli ukudla.

[Umbhalo wokuziqambela]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 4. UKUFINGQA. SIBONGA UMA KUNJANI

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese ubhala ngezimo lapho umuntu ebonga khona.

IMIYALELO

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele. Amagama akho angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Bhala ngamagama akho.
5. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

SIBONGA UMA KUNJANI?

Abantwana bafundiswa ukubonga besebancane bengakakwazi ngisho ukukhuluma kahle. Lokhu kukhombisa ukubaluleka kokubonga. Ziningi izindlela abantu abakhombisa ngakho ukubonga.

Abazali bayisibusiso. Kufanele sibonge abazali bethu ngokusifundisa ezikoleni ezingcono, ukusithanda, ukusikhulisa nokusinakekela.

Abantu abahlale benathi ngezikhathi ezimnandi noma ezibuhlungu. Labo bantu bayadinga ukubongwa besaphila. Uyakhuthazeka umuntu uma ebongwa.

Ukubonga akwenziwa ngoba uphiwa okuthile kuphela. Umuntu uyabonga uma enconywa ngalokho akwenzayo/akwenzile, anakho kanye nendlela abukeka ngayo.

Kujwayelekile ukuthi abashayeli bezimoto namabhasi basizane emgwaqweni. Umshayeli osiziwe kumele abonge ngokusebenzisa uphawu olujwayelekile lokuphakamisa isandla noma ukukhanyisa izibani.

Ukumenywa emcimbini kuyasijabulisa. Umuntu okumemile ubombonga ngoba basuke bebaningi abangamenyiwe kodwa wakhetha wena. Lowo owenze umcimbi naye kufanele ababonge abantu ngokumhambela kwabo. Umcimbi angeke ube yimpumelelo uma abantu bengekho.

Ababhali bezincwadi nabo bayabonga. Lokhu siyakubona ezincwadini zabo ezinamakhasi lapho bebonga khona abantu ngempumelelo yabo. Okubalulekile kunakho konke, ukubonga uMdali ngesipho sempilo. Kumele simbonge ngazo zonke izikhathi.Kuhle ukuzifundisa ukubonga ngoba akubizi mali. Lokhu kuyokwenza ukuthi abantu bakuhloniphe. Ukubonga kwandisa ubuntu, kufundisa nesizukulwane esisha indlela enhle yokuphila.

Okubalulekile kunakho konke, ukubonga uMdali ngesipho sempilo. Kumele simbonge ngazo zonke izikhathi. Kuhle ukuzifundisa ukubonga ngoba akubizi mali. Lokhu kuyokwenza ukuthi abantu bakuhloniphe. Ukubonga kwandisa ubuntu, kufundisa nesizukulwane esisha indlela enhle yokuphila.

[Umbhalo wokuziqambela]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 5

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI.

UMBHALO B: UMBHALO OBUKWAYO

WINA I 'TOYOTA STARLET' ENTSHA SHA!

YENZA KUBE INDAWO YOKUJABULA

Ziyobe zidlana imilala eMoses Mabhida stadium ngoMgqibelo koweToyota cup 2025 ngehora lesi-3 ntambama.

Ungaphuthelwa!! **Tshuza ngeStarlet 2025**

toyotasport.co.za *X@toyota_sport*

Oyofika kuqala uyoziwinela indathane yamadatha

[umbhalo wokuziqambela]

1	Kukhangiswani kulesi sikhangiso?	(1)
2	Shono ukuthi sibhekiswe kobani lesi sikhangiso?	(1)
3	Bhala isiqubulo salesi sikhangiso?	(1)
4	Shono ukuthi isenzo esibhalwe ngokugqamile kulo musho ongenhla sikuyiphi inkathi.	(1)
5	Gagula uphawu lokuloba olusetshenziswe esihlokweni bese ulusebenzisa emshweni ozakhele wona.	(2)
6	Tomula umusho onolimi oluphoqayo. 'oyofika kuqala uyoziwinela indathane yamadatha'	(2)
7	Ucabanga ukuthi kungani umbhali esebenzise ifonti encane kulo mbhalo ongenhla?	(2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 6

ISIKHANGISO

ISIYATHOLAKALA INCWADI YABO BONKE ABAFUNDI ABAFUNDA ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA

Thuthukisa ulimi lwakho namakhono okubhala nokufunda

Oda eyakho manje isitoko sisekhona!

Ezinye izingxenye zibhalwe ngolimi lwesiNgisi

R120
IKHOPHI

Online account:www.khathidebook.com
Khathide Book Shop, 17 Mashu Gardens, eThekwini

[Umbhalo wokuziqambela]

Downloaded from Stanmorephysics.com

1 Sibhekiswe kobani lesi sikhangisi esingenhla? (1)

2 Bhala okubili okuqukethwe yile ncwadi ekhangiswayo. (2)

3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikwe esho uhlobo lwebizo laleli gama elilandelayo: **Ubhalomagama**

A Ibizomfakela
B Ibizongxube
C Ibizonya
D ibizoqoqa (1)

4 Tomula umusho onolimi oluphoqayo kulesi sikhangisi. (2)

5 Sebenzisa igama elilandelayo emshweni ozakhele wona liveze incazelo ehlukile kunale esemshweni olandelayo:

(2)

Thuthukisa **ulimi** lwakho namakhono okubhala nokufunda

6 Ngokucabanga kwakho le ncwadi ekhangiswayo ingabasiza yini abafundi abasekilasini elixube izinhlanga.Sekela impendulo yakho. (2)

AMAMAKI AYI- 10

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 7

IKHATHUNI

UMBHALO (Ofundwayo nobukwayo)



[Umbhalo wokuziqambela]

1 Bhala izinto EZIMBILI umphakathi oshaya ngazo owesifazane. (2)

2 Bhala umuzwa okhonjiswa abantu abakule khathuni. (1)

3 Yisiphi isizathu esenza ukuthi owesifazane ahlaselwe ngumphakathi? (2)

4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe ukuchaza amazwi abhalwe ngokugqamile.

"**Angena amanzi endlini**!"

A Kunamanzi.
B Kuyaliwa.
C Konakele.
D Kunodlame. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

5 Lungisa amaphutha kule misho elandelayo ngobhalomagama olufanele. (2)

(a)Ningangibulali bo Ngiqinisile ngibuya eholidini angazi lutho! (1)

(b)Ingane kagugu yangiphelezela yangishiya esitobhini. (1)

6 Ngokucabanga kwakho yini eyenza ukuthi abantu bazithathele umthetho ngezandla? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

[10]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 8

UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela

Isigaba esimnandi kumntwana yilapho esaya khona esikoleni eyothola imfundo. Isikole siyindawo lapho abafundi okufanele bazizwe bemukelekile futhi bethokomele khona. Amakhono abafundi avukuzwa ngezindlela ezahlukene. Kukhona abantwana abavelele kwezemidllalo, abanye bacula kahle kube khona nalabo ongeke wabathinta ezifundweni. UNoah Lyles ogijime wabashaya amakhanda ebangeni elingamamitha ayi-100 emdlalweni wama-Olympics ithalente lakhe labonakala esikoleni. Kuyacaca ukuthi othisha kumele **bazibambe ziqine** kuyo yonke imikhakha. 5

Esikhathini samanje sekufundwa ngendlela ehlukile. Abafundi baseMlazi Comtech bajabule kabi benza ividyo yokufriza emakilasini. “Ngivele ngathuka ngizofundisa ngifica izingane zibuka endaweni eyodwa” kusho uthisha. izingane zama2000 zinobudlelwano obukhululekile nothisha bazo. Nazo zizodwa zinobudlelwano obuhle. Injabulo zyikhonzile. 10

1. Bhala lo musho olandelayo ukhombise ukuphika/ukulandula (1)

2. Kulo musho olandelayo tomula igama eliyisinciphiso bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona ohlukile kunalo osendabeni. (2)

3. Shono umsebenzi wegama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo? (2)

4. Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe ukuchaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile.
   Kuyacaca ukuthi othisha kumele **bazibambe ziqine** kuyo yonke imikhakha.
   A Ukusebenza ngokuphuthuma.
   B Ukusebenza kancane.
   C Ukusebenza ngokuzimisela.
   D Ukusebenza ngesikhathi. (1)

5. Hlobo luni lwesakhi esibhalwe ngokugqamile egameni elisemushweni olandelayo. (2)

6. Khipha ibizoqho kulo musho olandelayo (2)

7. Lungisa amaphutha kulo musho olandelayo ukuze ubhaleke kahle.
   izingane zama2000 zinobudlelwano obukhululekile nothisha bazo. (2)

8. Guqula lo musho oyinkulumo qho ube yinkulumo-mbiko.
   “Ngivele ngathuka ngizofundisa ngifica izingane zibuka endaweni eyodwa” kusho uthisha. (2)

[14]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 9 UMBHALO OBUKWAYO

[Sithathwe kwi-intanethi]

1. Shono umuzwa oqukethwe yilo musho olandelayo:
Hawu! Kanti bayazibulala? (2)

2. Nikeza ubuningi laleli gama elilandelayo:
umfundisi (1)

3. Nikeza igama elimqondofana naleli elilandelayo:
enkonzweni (1)

4. Hlobo luni lwesifenqo oqukethwe yila mazwi alandelayo:
Phela sekuyihlathi kwami. (2)

AMAMAKI ANGAMA- 20

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 10

(UMBHALO OFUNDWAYO)

Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela

IMPILO ISEMHLABATHINI

Ukudla kuyisidingo esikhulu kubantu nsuku zonke. Isisu sidinga ukuphakelwa unemali noma ungenayo. Abalimi baneqhaza elikhulu ukuqinisekisa ukuthi ukudla kukhona ezitolo. Okubi nje ukudla esikudlayo kunamakhemikhali amaningi. Akusenawo umsoco odingwa imizimba yethu. Abantu abaningi bayagula ngenxa yokudla okudliwa namhlanje.Lesi simo singasigwema ngokuthi abantu bazitshalele ukudla ezingadini. Okhulumela uMnyango wezeMpilo wathi umuzi ngamunye awube nengadi. 5

Inkinga ebhekene nabantu abaningi ukushoda kwezindawo namanzi okuchelela izitshalo. Lezi zimo zenza kube nzima **ukuxosha ikati eziko**. Imiphakathi igcina icela ukutshala ezikoleni. Lokhu kuba isu elihle ngoba izingadi ziyavikeleka. Ukudla ozitshalele kona kugcwele izakhamzimba. 10
Abahlengikazi bathi kumele sidle izitshalo kakhulu kunenyama ebomvu.

[Umbhalo wokuziqambela]

1. Phinda ubhale lo musho olandelayo ube senkathini ezofika.
   Isisu sidinga ukuphakelwa. (2)

2. Bhala isikhuliso saleli gama elilandelayo: izitolo (1)

3. Guqula igama eligqamile kulo musho olandelayo libe isibanjalo.
   Abantu abaningi bayagula ngenxa yokudla okudliwa namhlanje. (2)

4. Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe esho indlela yesenzo esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo.
   Lesi simo **singasigwema** ngokutshala.

   A Indlela ephoqayo.
   B Indlela yamandla.
   C Indlela yesimo
   D Indlela esabizo. (1)

5. Hlanganisa le misho elandelayo ngesihlanganiso esifanele.

   a. Inkinga ebhekene nabantu abaningi ukushoda kwezindawo.
   b. Amanzi okuchelela izitshalo ayashoda. (2)

6. Qala lo musho ngegama elibhalwe ngokugqamile.
   Ukudla okunamakhemikhali kugulisa **abantu.** (2)

7. Sebenzisa lesi simo sokukhuluma emshweni ozakhele wona ukuze kuvele ukuthi incazelo yaso uyayiqonda :
   Lezi zimo zenza kube nzima **ukuxosha ikati eziko**. (2)

8. Guqula lo musho oyinkulumo mbiko uwenze ube inkulumo qho.
   Okhulumela uMnyango wezeMpilo wathi umuzi ngamunye awube nengadi. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 11

(UMBHALO OBUKWAYO NOFUNDWAYO)

Buka lesi sithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

[Sithathwe ku-google pics.com]

1. Bhala igama elikubakaki likhombe indawo Intombazane ihleli (isihlabathi) (1)

2. Qedela lesi sifenqo ngegama elifanele.
   Abantu bebengangezihlabathi …….. (1)

3. Hlobo luni lokuchema okuqukethwe yilo musho olandelayo (2)
   Amantombazane ayathanda ukungcebeleka.

4. Nikeza igama elimqondophika waleli : **intombazane** bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

UMSEBENZI 1

1.1 inthanethi✓ (1)

1.2 EZIMBILI zalezi

- Facebook✓/
- BBM✓/
- WhatsApp✓/
- Twitter✓/
- Instagram✓

(2)

1.3 C✓/eMelika✓ (1)

1.4 Yingoba ususize abantu ukuthi bathole abangani nezihlobo asebadukelana nazo.✓✓ (2)

1.5 Kufakwa isithombe sobuso. ✓✓ (2)

1.6 Ngokonga imali nesikhathi✓✓ (1)

1.7 Ukudlulisa imiyalezo✓
ukuxhumana nabanye abantu✓ (2)

1.8 Ukukhankasela ukhetho✓
ukuqophisana nezimbangi zabo✓ (2)

1.9 (a) Into ethandwa kakhulu kunezinye.✓✓ (2)

(b) Yonke into inobuhle nobubi bayo. ✓✓ (2)

1.10 Emakhaya wonke umuntu usuke esefonini yakhe, engekho onake noxoxa nomunye.✓✓ (2)

1.11 Izigebengu zithatha imininingwane yabantu ko-Facebook bese ziyisebenzisela ubugebengu obufana nokuqola abantu imali, ukuntshontsha izingane, nokunye.✓✓ (2)

1.12 Amavidiyo nezithombe okuthunyelwe ezinkundleni zokuxhumana angeke ukuphikise okwenzeka nokubonakala kuwona.✓✓ (2)

1.13 Yebo ngoba azenzi izinto ezifanayo.✓✓
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 2

1.2

2.1 u- instagram (1)

2.2 18-24 (1)

2.3 u-Facebook (2)

2.4 Yingoba yiwona abawazi kuqala ngoba wafika bengakabi badala kakhulu. (2)

UMSEBENZI 3

UKUFINGQA

Amaphuzu esingawabheka:

	AMAPHUZU ACASHUNIWE		**AMAPHUZU AHUNYUSHIWE**
1.	Kukhona amakhaya angenabo obaba kube khona umama yedwa.	1.	Bathatha indawo kababa kumakhaya angenabo obaba.
2.	Bavuka ekuseni bayosebenza ukuze izingane zithole ukudla nakho konke okuyizidingo zabo.	2.	Basebenzela izingane ukuze zithole konke ezikufunayo.
3.	Emasontweni uma uya khona ufica kugcwele abesifazane behamba nezingane.	3.	Bakhuthalele ukuya emasontweni nezingane zabo.
4.	Banezinhlelo (programmes) eziningi zokuthuthukisa ibandla nokufundisa abantwana ngokwenkolo	4.	Bathuthukisa ibandla bafundise nezingane inkolo.
5.	Bahlanganyela nabesilisa emakomitini.	5.	Basebenzisana nabesilisa emakomitini.
6.	Izinkampani eziningi zinika bona izikhundla zokuba abaphathi ngoba bahola abantu kangcono	6.	Ezinkampanini bangabaholi nabaphathi abangcono.
7.	Banamapulazi amakhulu lapho besiza abanye omama emakhaya ukuziqalela izingadi zabo zezitshalo	7.	Basiza omama emapulazini ukuziqalela izingadi zabo.

[10]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 4

	AMAPHUZU ACASHUNIWE		AMAPHUZU AHUNYUSHIWE
1.	Kufanele sibonge abazali bethu ngokusifundisa ezikoleni ezingcono, ukusithanda, ukusikhulisa nokusinakekela.	1.	Sibonga abazali ngakho konke abasenzela kona.
2.	Abantu abahlale benathi ngezikhathi ezimnandi noma ezibuhlungu.	2.	Sibonga abantu abaseseka ngazo zonke izikhathi.
3.	Umuntu uyabonga uma enconywa ngalokho akwenzayo/akwenzile, anakho kanye nendlela abukeka ngayo.	3.	Uyabonga uma Ubonga abantu uma bekutusa ngoyikho nokwenzayo.
4.	Umshayeli osiziwe kumele abonge ngokusebenzisa uphawu olujwayelekile lokuphakamisa isandla noma ukukhanyisa izibani.	4.	Abashayeli bayabongana ngokusizana emgwaqweni.
5.	Umuntu okumemile ubombonga ngoba basuke bebaningi abangamenyiwe kodwa wakhetha wena.	5.	Uyabonga uma umenyiwe phakathi kweningi ebelingamenywa.
6.	Ababhali bezincwadi nabo bayabonga. Lokhu siyakubona ezincwadini zabo ezinamakhasi lapho bebonga khona abantu ngempumelelo yabo.	6.	Ababhali bayabonga kulabo ababasizile ukuba incwadi yabo ibe impumelelo.
7.	Okubalulekile kunakho konke, ukubonga uMdali ngesipho sempilo.	7.	Kufanele sibonge uMdali ngokusipha impilo.

QAPHELA:

Ukumakwa kokufingqa

Ukumaka kubhekela ukuba khona kwamaphuzu abalulekile nokuhlungwa kwalawo angabalulekile empendulweni.

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

AMAMAKI AYI- **[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 5

1 Kukhangiswa imoto i-Starlet yakwaToyota. ✓ (1)

2 Lesi sikhangiso sibhekiswe kubalandeli bezemidlalo kanobhutshuzwayo. ✓ (1)

3 Yenza kube indawo yokujabula. ✓ (1)

4 Inkathi ezayo / Inkathi ezofika✓ (1)

5 Umbabazi/Isibabazo. ✓

Hlala phansi! / Hawu! Nkosi yami, yaze yawa kabuhlungu ingane. ✓ (2)

6 Owodwa kulena elandelayo:

- Wina iStarlet entsha sha" /
- "Tshuza ngeStarlet 2025" ✓✓ (2)

7 Le nkulumo ebhalwe ngefonti encane ngoba ifihla ulwazi ukuze abathengi bengaboni ukuthi umuntu oyedwa ozowina amaDatha✓✓ (2)

AMAMAKI AYI- [10]

UMSEBENZI 6

1 Kubafundi bebanga 10-12 abafunda isiZulu ngolimi lokuqala lokwengeza ✓ (1)

2 OKUBILI KWALOKHU:

- Izingcezu Zenkulumo✓
- Ubhalomagama✓
- Ubuciko Bomlomo✓
- Ukubhala Nokwethula✓ (2)

3 B / Ibizongxube✓ (1)

4 Oda eyakho manje isitoko sisekhona! ✓✓ (2)

5 Izimpendulo ziyokwehluka:

Isibonelo: Ngizilume ulimi lwami manje selibuhlungu ✓✓ (2)

6 Izimpendulo ziyokwehluka:

Isibonelo: Yebo ngoba ibhalwe kukhona izingxenye ezibhalwe ngolimi lwesiNgisi. ✓✓ (Nokunye okunembayayookuyoshiwo umfundi) (2)

AMAMAKI ESEWONKE AYI- 10

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 7

1. OKUBILI kwalokhu:
   . ithayi✓
   . ibhentshi✓
   . itshe✓
   . induku✓ (2)

2. Badiniwe✓/bacasukuli✓ (1)
3 Bacabanga ukuthi untshonshe inga kaGugu.✓✓ (2)
4 C✓ / konakele✓ (1)
5 (a)Ningangibulali bo!✓

(b)uGugu✓ (2)
6 Izimpendulo ziyokwehluka.

Isibonelo:

Yingoba abantu bahlale benza izinto ezimbi kodwa bengaboshwa✓
Basuke befuna ukuziphindiselela ngokushesha✓

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

[10]

UMSEBENZI 8

1. Amakhono abafundi awavukuzwa ngezindlela ezahlukene. ✓ (1)

2. abantwana
   Abantwana bacula amaculo esonto. ✓✓ (2)

3. liyachaza✓✓ (2)

4. C/ Ukusebenza ngokuzimisela ✓✓ (2)

5. Isijobelelo sempambosi yokwenziwa✓✓ (2)

6. uMlazi Comtech✓✓ (2)

7. Izingane zama - 2000 zinobudlelwano obukhululekile nothisha. ✓✓ (2)

8. Uthisha wathi wavele wathuka ezofundisa efica izingane zibuka endaweni eyodwa. ✓✓ (2)

[15]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 9

UMBHALO (OBUKWAYO NOFUNDWAYO)

1. Umuzwa wokumangala✓✓ (2)
2. abafundisi✓ (1)
3. ubunono✓ (1)
4. isingathekiso✓✓ (2)

UMSEBENZI 10

1. Isisu sizodinga ukuphakelwa. ✓✓ (2)
2. izitolokazi✓ (1)
3. ngabantu✓✓ (2)
4. B/ indlela yamandla ✓ (1)
5. Inkinga ebhekene nabantu abaningi ukushoda kwezindawo kanye namanzi okuchelela izitshalo. ✓✓ (2)
6. Abantu baguliswa ukudla okunamakhemikhali. ✓✓ (2)
7. Umama uyasebenza ukuze axoshe ikati eziko.
(Abafundi abaveze incazelo yokuxosha indlala) ✓✓ (2)
8. “Umuzi ngamunye awube nengadi.” kusho okhulumela umnyango wezeMpilo
Okhulumela umnyango wezeMpilo uthi: “ Umuzi ngamunye awube nengadi.”
✓✓ (2)

UMSEBENZI 11

UMBHALO (OBUKWAYO NOFUNDWAYO)

1. Esihlabathini✓ (1)
2. zolwandle✓✓ (1)
3. Ukuchema ngokobulili besifazane✓✓ (2)
4. umfana
Umfana wakwamakhelwane uya phesheya kwezilwandle. ✓✓ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI
IZINGCEZU ZENKULUMO NOMSEBENZI WAMAGAMA

UCEZU OLUKHULU	UCEZU OLUNCANE	ISIBONELO	UMSEBENZI WEGAMA
1. USOBIZO	a. IBIZO	uSmith, ogogo, abantu, iSenzeni High School, indlu, isihambi, ukufa. (**QAPHELA**: Zonke izinhlobo zamabizo zingena lapha)	▪ **Inhloko** **Yomusho** ▪ **Umenzi** ▪ **Umenziwa**
	b. ISABIZWANA	1. **Isabizwana Soqobo** yena, bona, lona	▪ **Inhloko** **Yomusho** ▪ **Umenzi** ▪ **Umenziwa**
		2. **Isabizwana Sokukhomba** ▪ la, lawa, lawaya ▪ lezi, lezo, leziya. Sikhomba EDUZE, BUQAMAMA, KUDE	Siyakhomba/ Ukukhomba
		3. **Isabizwana Sokubala** zonke, , nonke yonke bodwa, sodwa ngedwa bobabili, sobane, kokuhlanu.	Siveza inani/ Ukuveza inani
2. ISILANDISO	a. ISENZO	Isibonelo: dlala, sebenza, khala **Sidlala** ibhola. **Bazosebenza**. **Ziyakhala**. Izenzo ezingagcini ngo-a kuthiwa **izenzo eziphundulekile**: – azi, -thi, -sho **(zi-3 kuphela)**	**Siyalandisa/** **Ukulandisa**
	b. ISIBANJALO	umama (wehlisa izwi), ngumama, wumama omama - ngomama ingane (wehlisa izwi), yingane muphi – yimuphi – imuphi wena – nguwena/nguwe – uwena/uwe	**Siyalandisa/** **Ukulandisa**
3. ISIKHANYISO	a. ISANDISO	**Isandiso sendawo** *(kuphi?)* esikoleni, emgwaqweni, olwandle, kumama, kithi, kwadokotela, phandle	**Sikhanyisa indawo/** **Ukukhanyisa indawo**

Downloaded from Stanmorephysics.com

		Isandiso senkathi *(nini?)* manje, ngoJuni, ngo-8, ekuseni, ntambama	**Sikhanyisa isikhathi/ Ukukhanyisa isikhathi**
		Isandiso sesimo *(kanjani?/kangakanani?kangaki?)* kancane, kabili, kabi, ngenkani, ngokushesha, ngokudabuka,	**Sikhanyisa isimo/ Ukukhanyisa isimo**
	b. ISENZUKUTHI	gulukudu, nya, tebhu, cwe, phihli, cimi, hambiyani, hlekiyani	**Siyakhanyisa/ Ukukhanyisa**
4. ISICHASISO	a. ISIPHAWULO	Umfana **omude** omu- + -de Ukudla **okuningi** oku- + -ningi Abantu **abadala** aba- + -dala **Sakhiwa kanje:** isivumelwano. Sesiphawulo + isiqu sesiphawulo	**Siyachaza/ Ukuchaza** Sichaza ibizo emushweni.
	b. ISIBALULI	Umzali **oqotho**. o- + -qotho Uphethe isikhwama **esilula**. esi- + -lula Isibaluli siyakhiwa kwamanye amagama. **ISIBONELO**: Izinkwa **eziyisithupha.** ezi- + -yisithupha Imbuzi **emnyama**. e- + -mnyama **Sakhiwa kanje:** isivumelwano sesibaluli **+** isiqu	**Siyachaza/ Ukuchaza** Sichaza ibizo emushweni.
	c. ONGUMNINI	Iziqu zemvelo: -khe > Isikole **sakhe** sikhulu. -kho > Isikole **sakho** sikhulu. -inu > Isikole **senu** sikhulu. -ithu > Isikole **sethu** sikhulu. **Sakhiwa kanje:** isivumelwano songumnini **+** isiqu songumnini **EZAKHELWE KWEZINYE IZINGCEZU** Ingane **yami** le. Abantwana **besikole** laba. Imoto **kababa**. **Sakhiwa kanje:** Isivumelwano songumnini **+** isiqu	**Uyachaza/ Ukuchaza** Liveza umnikazi/ ubumnikazi bento.

Downloaded from Stanmorephysics.com

	d. INANI	Mntwana **muni**? Ngibone ngane **yimbe**. Sikole **siphi** afunda kuso? **Sakhiwa kanje:** sivumelwano senani **+** isiqu senani	**Liyachaza/ Ukuchaza** **Iziqu** zi-4 kuphela: -ni, -phi, -nye, -mbe
5.ISIHLANGANISO	ISIHLANGANISO	Ngakho-ke, futhi, ngoba, kodwa, uma, njl. **Isibonelo**: USthe idla u-ayisi. USthe iyagula. **IMPENDULO** Ingane idla i-ayisi **kodwa** iyagula.	**Siyahlanganisa/** **Ukuhlanganisa** Sihlanganisa imisho emibili nangaphezulu.
6. ISIBABAZO	ISIBABAZO	Hawu! Maye! Halala! Habe! **Isibonelo:** Maye! Banjani kanti abantu?	**Siyababaza/** **Ukubabaza**

IZAKHI ZEBIZO

IBIZO	ISIQALO	ISIQU	UMSUKA	ISIJOBELELO
umfana	Um(u)-	-fana	-fan-	-a
isiguli	isi-	-guli	-gul-	i
ipheshana	i-	-pheshana	-phesh-	-ana
		QAPHELA: Isiqu ingxenye esalayo egameni uma sewukhiphe isiqalo sebizo.	**QAPHELA**: Umsuka ingxenye yesiqu esalayo uma usukhiphe isijobelelo. Ayishintshi ngaphandle uma wakha izinciphiso noma ondaweni	

IZINHLOBO ZAMABIZO

IBIZO	ISIBONELO	INCAZELO
IBIZONTO	thanda – uthando dlala – umdlalo hleka – uhleko buka - isibuko	▪ Igama lento ▪ La magama asuselwa ezenzweni ▪ Agcina ngo – **"O"**
IBIZOMUNTU	cula – umculi hlela – umhleli thenga –umthengi dlala - umdlali	▪ Igama okubizwa ngalo umuntu owenza leyo nto (isenzo). ▪ La magama asuselwa ezenzweni ▪ Agcina ngo – **"i"**
IBIZOQHO	iKapa, uThembi, uThami, uDlamini, IsiXhosa, iKloof High School, uShenge	▪ Amagama ezindawo, abantu izibongo, njll. ▪ Abonakala ngosonhlamvukazi/ufeleba
IBIZOMFAKELA	itafula, iwindi, usawoti, ushukela ifasitela.	La magama abolekwa emagameni **esiNgisi nawasiBhunu**

Downloaded from Stanmorephysics.com

IBIZONGXUBE **(IBIZOMBAXA)**	▪ **umtholampilo** thola + impilo isenzo + ibizo ▪ **uVezokuhle** veza + okuhle isenzo +isiphawulo ▪ **inkulumombiko** inkulumo + umbiko ibizo + ibizo	Leli bizo lakhiwe amagama amabili nangaphezulu angamagama aphelele ngoba eyizingcezu ezithile.
IBIZOQOQA	isihluthu, ihlathi, imfuyo, umhlambi, isivivane,isikhotha, isithembu.	Ibizoqoqa igama eliw**ubunye** elisho (eliqoqela) izinto eziningi ndawonye **QAPHELA**: ibizoqoqa liba u**bunye**.

IZINCIPHISO

Isinciphiso sigcina ngo- ANA.
QAPHELA: Izinciphiso zehlukaniswe izigaba ezi-3

Kweqiwa unkamisa wokugcina bese kujotshelelwa u – **ana**

udonga, icici, ulwazi, izwi	udongana, icicana, ulwazana, izwana **ISIBONELO:** icic(**i**) + ana

Lapha unkamisa wokugcina u- **"O/U"** bashintshe babe u - "**W"** bese kujotshelelwa u – **ana.** Le nguquko ibizwa ngokuthi: UKUNGWAQAZISA.

Ibhuku, Indlu Isihloko, isango, Umgwaqo,	Ibhukwana, indlwana Isihlokwana, isangwan, Umgwaqwana, **ISIBONELO** Ibhuk**u**/ **w**+ ana Isihlok**o**/ **w** + ana

Ongwaqa bokugcina bebizo kukholomu A baphenduka ongwaqa abasha njengoba kukhonjisiwe kukholomu C. Le nguquko ibizwa ngokuthi UKULWANGISA.

A. IBIZO	**B. ISINCIPHISO**	**C. IMISINDO/ ONGWAQA ABASHINTSHAYO ((ukulwangisa)**
idada	idajana	d - j
isigubhu	isigujana	bh - j
ikhanda	ikhanjana	nd - nj
ithumba	ithunjana	mb – nj
isikhathi	isikhashana	th - sh
iphepha iphupho	ipheshana iphushwana	ph - sh
intaba	intatshana	b – tsh
ikopi	ikotshana	p - tsh
ikati	ikatshana	t- tsh
umpompi	umpontshana	mp - ntsh
isonto	isontshwana	nt - ntsh
nsimu	insinywana	m - ny
ingane	inganyana	n - ny
imali umfula	imadlana umfudlana	l - dl

Downloaded from Stanmorephysics.com

IZIKHULISO

isijobelelo –kazi kuphela esidingekayo	
izwe intaba ibhilidi	izwekazi intabakazi ibhilidikazi

UBULILI BESIFAZANE

▪ **-kazi/-azi** isijobelelo sobulili besifazane.	Lungashintsha upelomagama (isipelingi) lwegama.
umalume indoda imbuzi imvu ubaba inkomo inkukhu	umalumekazi indodakazi imbuzikazi imvukazi ubabekazi inkomazi isikhukhukazi

IZIKHULISO

isijobelelo –kazi kuphela esidingekayo	
izwe intaba ibhilidi	izwekazi intabakazi ibhilidikazi

UBULILI BESIFAZANE

▪ **-kazi/-azi** isijobelelo sobulili besifazane.	Lungashintsha upelomagama (isipelingi) lwegama.
umalume indoda imbuzi imvu ubaba inkomo inkukhu	umalumekazi indodakazi imbuzikazi imvukazi ubabekazi inkomazi isikhukhukazi

UBUNYE	**UBUNINGI**
Ingane idlala ibhola.	Izingane zidlala amabhola. **NOMA** Izingane zidlala ibhola.
Ingane ayidlali ibhola.	Izingane zidlala amabhola. **NOMA** Izingane zidlala Ibhola.
Mfana muphi obhale isivivinyo?	Bafana baphi ababhale izivivinyo? **NOMA** Bafana baphi ababhale isivivinyo?

Downloaded from Stanmorephysics.com

	IZINKATHI ZESENZO	
IZINKATHI	**ISIBONELO**	**UKUPHIKA**
	INKATHI YAMANJE	
Inkathi yamanje (**engaqhubeki)**	Umama **upheka** ukudla. Izingane **zipheka** ukudla. **zi- + -pheka** Isivumelwano senhloko + isenzo	Umama **a**kapheki**…** Izingane **a**zipheki**…** a----i
Inkathi yamanje **eqhubekayo**	Umama u**ya**pheka ukudla. Izingane zi**ya**pheka ukudla. -ya- Isivumelwano senhloko + -ya- + isenzo Umama u**sa**pheka ukudla. Izingane zi**sa**pheka ukudla.	Umama **a**kapheki... Izingane **a**zipheki... a---I (-ya- uyashiywa) Umama **a**kasapheki... Izingane **a**zisapheki...
Inkathi ezofika	Umama u**zo**pheka ukudla. Izingane zi**zo**pheka ukudla. **-zo-**	Umama **a**ka**zu**pheka ukudla. Izingane **a**zi**zu**pheka ukudla. **a----zu---**
Inkathi eyofika	Umama u**yo**pheka ukudla. Izingane zi**yo**pheka ukudla. -yo-	Umama **a**ka**yu**pheka ukudla. Izingane **a**zi**yu**pheka ukudla. a-----yu---
Inkathi esandakudlula	Umama upheke ukudla. Umama uphekile ukudla. Izingane zipheke ukudla. Izingane zipheki**le** ukudla. **-e/-ile**	Umama **a**kapheka**nga** ukudla. Izingane **a**zipheka**nga**... a----anga
Inkathi eyadlula	Umama w**a**pheka ukudla. Izingane z**a**pheka ukudla. -a-	Umama **a**kapheka**nga** ukudla. Izingane **a**zipheka**nga** ukudla. a----anga

IZIMPAMBOSI ZESENZO

IMPAMBOSI	ISIBONELO	ISIJOBELELO
Impambosi Yokwenziwa	zi-bhala = zi-bhal**w**a zi-mba = zimbi**w**a	-w-/-iw-
Impambosi Yokwenzana	zi-bhala = zi-bhal**an**a	-an-
Impambosi Yokwenzisa	zi-bhala = zi-bhal**is**a	-is-
Impambosi Yokwenzisisa	zi-bhala = zi-bhal**isis**a	-isis-
Impambosi Yokwenzeka	zi-bhala = zi-bhal**ek**a	-ek-
Impambosi Yokwenzela	zi-bhala = zi-bhal**el**a	-el-
Impambosi Yokwenzayenza	zi-bhala = zi-bhalabhala zi-bukelana = zi-bukebukelana zi-lekelela = zi-lekelekelela	Phinda amalungu **amabili okuqala** esiqu sesenzo

IZINDLELA ZESENZO

Downloaded from Stanmorephysics.com

INDLELA	UKUVUMA	UKUPHIKA	UMTHETHO
INDLELA YAMANDLA	▪ Ngi**nga**sebenz**a**. ▪ Si**nga**dla**a**	▪ Ngi**nge**sebenz**e** ▪ Si**nge**dla**e**	Isakhi u-**nga-** --- -**a** (**ukuvuma**) Isakhi u -**nge- ---** **-e** (**ukuphika**)
INDLELA ESABIZO	▪ **Uku**sebenza kubuhlungu. ▪ **Uku**dlala kumnandi.	▪ Uku**nga**sebenz**i** kubuhlungu. ▪ Uku**nga**dla**i** kumnandi.	Phongoza u-**uku-** esenzweni bese Isenzo sithatha isimo sebizo.
INDLELA EPHOQAYO / YEMPOQO	▪ Sebenza. ▪ Sebenzani.	▪ U**nga**sebenz**i**/ ▪ Musa ukusebenza ▪ Ningasebenzi/ ▪ **Musani uku**sebenza.	Ibonisa ukuphoqa Ijobelela u –**'-ni'** ebuningini Isb: Bhala**ni** = **Musani uku**bhala/ **Ni**ngabhal**i**
INDLELA YENHLOSO	▪ Bengi**zo**sebenza. ▪ Ube**yo**sebenza ▪ Ube**zo**dlala. ▪ Ube**yo**dlala.	▪ Bengi**ngezu**sebenza. ▪ Ube**ngeyu**sebenza. ▪ Ube**ngezu**dlala. ▪ Ube**ngeyu**dlala.	Inhloso engafezekanga. Isakhi u-**zo-/-yo-** (**ukuvuma**) **kanye** no '-**ngezu**-'/ '-**ngeyu-**' (**ukuphika**)
INDLELA YESIMO	▪ Uhamba **esebenza**, ▪ Zihamba **zidlala**	▪ Uhamba **engasebenzi**, ▪ Zihamba **zingadlali**.	Ukuphika: **'-nga--- -i'**
INDLELA ENCIKILE/ EYAMILE	▪ **Uvele** asebenze. ▪ **Zivele** zidlale.	▪ Uvele angasebenzi ▪ Zivele zingadlali.	Isenzo sigcina ngo – **'-e'** (ukuvuma)
	▪ **Ma**sisebenze/ ▪ **A**zisebenze. ▪ **Ma**sidlale/ ▪ **A**zidlale.	▪ Masingasebenzi/ ▪ Azingasebenzi. ▪ Masingadlali/ ▪ Azingadlali.	no-**'-nga ---- -i'** (ukuphika).
	Kulandelana izenzo kulezi ezilandelayo: **Isibonelo**: Izingane zivuka **zixubhe zigeze zigqoke zidle ziye** esikoleni.	zingane zivuka **zingaxubhi zingagezi zingagqoki zingadli zingayi** esikoleni.	

Igama "isenzo" lingafakwa kula magama ezindlela zesenzo kanje: Indlela **yesenzo** esabizo/Indlela **yesenzo** ephoqayo, njl.

IZIVUMELWANO ZENHLOKO	IZIVUMELWANO ZIKAMENZIWA

Downloaded from Stanmorephysics.com

1. Abafundi **ba**yabhala umsebenzi. 2. Umama **u**yathanda uZandi. 3. Mina **ngi**vala isivalo.	1. Abafundi baya**wu**bhala umsebenzi. 2. Umama uya**m**(u)thanda uZandi. 3. Mina ngiya**si**vala isivalo.

INKULUMOQHO neNKULUMOMBIKO

INKULUMOQHO	INKULUMOMBIKO
1. "Sipho hlala phansi udle ukudla kwakho," kusho umama. **NOMA** ▪ Umama uthe, "Sipho hlala phansi udle ukudla kwakho."	1. Umama uthe uSipho akahlale phansi adle ukudla kwakhe./ **NOMA** ▪ Umama uthe uSipho akahlale phansi adle ukudla kwakhe.
2. "Angibathandi abantu ababanga umsindo ekilasini." kwathetha uthisha	2. Uthisha wathetha **wathi** akabathandi abantu ababanga umsindo ekilasini.
3. UVusi uthi; "Ngithenga ishethi."	3. UVusi uthi uthenga ishethi.

IZINHLOBO ZEMISHO

Zihlolwa ngezindlela ezimbili: A no-B

A. IZINHLOBO ZEMISHO	ISIBONELO
1. 1. ISITATIMENDE (**Uyaxoxa**)	▪Umama uphuza itiye. ▪OThabi bacula kahle. ▪Ngiyahamba.
2. 2. UMYALELO (**Uyatshela/uyaphoqa**)	▪Hambisa ukudla kuye. ▪Funda manje. ▪Sukumani.
3. 3. UMBUZO (**Uyabuza**)	▪Uyaphi? ▪Uzomvakashela na? ▪Ucelile ukuhamba?

B. IZINHLOBO ZEMISHO	ISIBONELO
4. 1. UMUSHO OQONDILE ▪ Umama **uphuza** amanzi. ▪ Isigebengu **sintshontsha** imali. ▪ Ngiyahamba.	Lo musho unesilandiso esisodwa. (Kwesinye isikhathi ungaba nomenzi nomenziwa. Bheka izibonelo)
5. 2. **UMUSHO OMBAXA** [Izingane ziyafunda. Izingane zibhala izivivinyo.] Izingane **ziyafunda ngoba zibhala** izivivinyo. [ULeko udlala ibhola. ULeko ulimele.] ULeko udlala ibhola **kodwa ulimele**.	▪ Imisho emibili eqondile engazimela ngokwayo, iba nesihlanganiso.
3. UMUSHO OMAGATSHAGATSHA [Umama upheka iphalishi elimnandi ekuseni.] ▪ **Umusho omkhulu**: Umama upheka iphalishi. **Umusho okhonzile ochazayo**: elimnandi ▪ **Umusho okhonzile okhanyisayo**: ekuseni	**QAPHELA:** Lo musho akufanele ube nesihlanganiso. Kuba nomusho omkhulu *(okungumusho oqondile)* **Kanye** nemishwana ekhonzile (ey*isichasiso* nes*ikhanyiso, njl*)

IZIFINYEZO

IGAMA ELIPHELELE	ISIFINYEZO
1. Mnumzane	1. Mnu.
2. Nkosikazi	2. Nkz.

Downloaded from Stanmorephysics.com

3. Nkosazane	3. Nks.
4. Dokotela	4. Dkt.
5. Mfundisi	5. Mfu.
6. Isibonelo	6. Isb.
7. Solwazi	7. Sol./Slz.
8. Profesa	8. Prof.
9. Njalonjalo	9. Njl.

AMA-AKHRONIMU

IGAMA ELIPHELELE	I-AKHRONIMU
1. i-KwaZulu-Natal/iKwaZulu-Natali	1. iKZN
2. i-African National Congress	2. i-ANC
3. ISouth African Broadcasting Corporation	3. i-SABC
4. iFirst National Bank	4. i-FNB
5. iKentucky Fried Chicken	5. i-KFC
6. iGauteng Province	6. iGP

IZIMPAWU ZOKULOBA

IGAMA LOPHAWU	UPHAWU LOKULOBA
1. Ungqi	1. [.]
2. Ukhefana	2. [,]
3. Ukhefana Ngqi / Isemikholoni	3. [;]
4. Umbabazi	4. [!]
5. Umbuzi/Unokubuza	5. [?]
6. Ikholoni	6. [:]
7. I-Aphostrofi	7. [‘]
8. Osokucaphuna / Abacaphuni	8. [“ ”] / [‘ ’]
9. Ikhonco / Ihayifeni	9. [-]
10. Abakaki / Obakaki	10. [( )]
11. ngqi ngqi ngqi	11. [. . .]

IZIFENGQO

ISIFENGQO	ISIBONELO
1. ISIFANISO	▪ Uhambela kude **njengelanga** lasebusika. ▪ Uhambela kude **okwelanga** lasebusika. **Izibonelo zezakhi ezingasetshenziswa:** Sengathi, njenga-, kuhle k-, okwa-, sa-
2. ISINGATHEKISO	▪ ULindiwe **indoni** yamanzi. ▪ Umalume **ibhubesi**.
3. ISENZASAMUNTU	▪ Izindonga **zizokhuluma**. ▪ Kufa **awunanembeza**.
4. ISENZASILWANE	▪ Musa **ukubhonga** lapha ekilasini Vusi. ▪ Uzoyeka **ukukhonkotha** umama wena Bhekani.
5. IHABA	▪ **Ngifile** indlala namhlanje. ▪ Unyawo beluvuvukele **lungangentaba**.
6. ISIFENYISO	▪ Uthenge **ixhokovana elimbize izigidi** ezinhlanu zamarandi. ▪ Ngithole **amasenti ayisigidi** samarandi.

Downloaded from Stanmorephysics.com

7. ISIHLONIPHO	▪ Inkosi **ikhotheme.** ▪ Ngiphethe **inkece** yokuthenga igwinya.
8. UMBUZOMBUMBULU	▪ Wena ngeke uphinde ulambe? ▪ Awuthandi yini ukuphasa? ▪ Kanti anizile ukuzofunda lapha esikoleni?
9. UMBHINQO	▪ Njengoba ulele ngifundisa uzosiphasa ngamalengiso isivivinyo kusasa.
10. UVUTHONDABA	▪ Waba nguthisha, waba nguthishomkhulu, manje usengumhloli.
11. IPHOLAVUTHONDABA	▪ Wayenguthisha manje useshanela imigwaqo.
12. IFANAMSINDO	▪ Wa**kh**ahlela i**kh**abethe ngesi**kh**ulu isa**kh**ahlu.
13. IFUZAMSINDO	▪ Kwakhala **ubuphihliphihli** kuwa amabhodlela. ▪ Kube **ubufahlafahla** kushayisana izimoto. ▪ Kukhale **ubufohlofohlo** behamba ehlathini.

ULIMI OLUHLAZIYAYO

	IZINHLOBO	**IZIBONELO**
1. IMIZWA	▪ Owokujabula ▪ Owosizi ▪ Owokucasuka/Owoku dinwa ▪ Owothando ▪ wokwedelela ▪ Owokwethuka [owokumangala] ▪ Owokuxolisa ▪ Owokuzwelana/ Owokududuza	▪ Halala! ▪ Nkosi yami! ▪ Nx! ▪ Mntakamama! /Sthandwa sami!/Mtakwethu. ▪ Woshi! Klibhi! ▪ Maye!/ Mameshane!/ Hhayi bo! ▪ Shwele!/ Ncese!/ Yobe! ▪ Phephisa!/ Ncese!/ Dudu!
2. IZINZWA	▪ Inzwa yokubona ▪ Inzwa yokulalela ▪ nzwa yokuhogela ▪ Inzwa yokunambitha ▪ Inzwa yokuthinta	▪ Nali ibhasi lethu. ▪ Wayesho ngomnandi umzwilili. ▪ Umama wavula ibhodwe lesitshulu kwathi khafu iphunga elimnandi. ▪ Leli khofi linoshukela omningi. ▪ Yamuthi gxavu ngezinyo emlenzeni inja.
3. IZINKOLELO	INKOLELO ENGAGUQUKI *(stereotype)*	▪ Uhlulwa ukupheka ungumuntu wesifazane? ▪ Ngeke ngiwashe izitsha mina ngoba akhona amantombazane lapha ekhaya.
	INKOLELOZE *(superstition)*	▪ Uma ukhomba ithuna isandla sakho sizogoqana

Downloaded from Stanmorephysics.com

4. UKUCHEMA/ UKUCWASA	▪ NGOKWENKOLO ▪ NGOKOMBUSAZWE ▪ NGOKWEMINYAKA ▪ NGOKOBULILI ▪ NGOKWESIKHUNDLA ▪ NGOKWESIKO ▪ NGOKOBUHLANGA ▪ NGOKWENDAWO	▪ AmaLuthela asefikile. ▪ Ivele yaphuma i-TFF okhethweni. ▪ Ngeke siphathwe yingane thina. ▪ Inyama yamadoda le. ▪ Othisha abahlale kuleli tafula. ▪ USipho ufike egqoke isiphandla. ▪ Sekuvele kwafika abantu abamnyama. ▪ Zinhle izikole zaseThekwini.
5. ULIMI OLUHLAZIYAYO (*ISIKHANGISO*)	ULIMI OLUNCENGAYO	▪ Masakhe izwe lethu **bakithi.** ▪ **Sicela** nifike ngobuningi benu. (Bandla, Nkosi yami, njl.)
	ULIMI OLUKHOHLISAYO	Uma usudle amagwinya ethu ngeke uphinde ufune awakwenye indawo.
	ULIMI OLUPHOQAYO	Phuthuma. Sukumani manje.

1. UMQONDOFANA	Udonga - ubonda Iwindi – ifasitela
2. UMQONDOPHIKA	Isibusiso – isiqalekiso Kuyasinda - kulula
3. OMABIZWAFANE	**inyanga** ▪ izinsuku ezingu-30 (uJuni). ▪ umuntu owelapha ngemithi yesintu. ▪ Indingilizi esibhakabahakeni ekhanyisa ebusuku.
4. OPHIMBOHLUKA	**sinda [ukusinda]** ▪ isisindo sento ▪ ukuphepha engozini/ ekuguleni ▪ ukuhlanza indlu ngokugcobisa ubulongwe
5. AMAGAMA AYIMIFAKELA NAYISIZULU SANGEMPELA	▪ Iselula - umakhalekhukhwini ▪ Ithelevishini – umabonakude ▪ Ipeni - usiba ▪ Ikilinikhi – umtholampilo ▪ Isitulo - isihlalo

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 12

IZINDABA EZIMFISHANE= IZINYEMBEZI ZOTHANDO – D.B.Z. NTULI

1 WAKUBONA WAKUBELETHA – MT MKHIZE

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA

UMaKhumalo wathi naye angeke aze asale ukuze angezwa ngenzwabethi. Bafika esibhedlela bahanjiswa ehhovisi lezeNhlakalahle ukuze babonane nowayephethe khona. Nangempela indoda esigqigqi nje enempandla ekhakhayini, yasukuma yababingelela yabaxhawula ngenkathi bengena ehhovisi layo.

"Mina-ke nginguMbonambi isibongo njengoba esenu-ke sengizwile ukuthi ningoMageba. Engizocela ukukuzwa nje wena Mnumzane Zulu ukuthi waqala kuphi ukwazana nalo baba oshonile?" kubuza le ndoda.

Indaba yakhe uZulu wayiqala lena eSayidi lapho aqala khona ukubonana noCele nomndeni wakhe uCele owabe ungemkhulu kakhulu. Kwabe kungamantombazane amabili kuphela kanye nomkakhe. UCelel wayenesitolo esisodwa kanye namabhasi amathathu.

Wayejwayele ukuhamba namabhasi ewalandela ngemoto encane, esitolo kusale umkakhe nezisebenzi namadodakazi ache uma engayanga esikoleni.

Kwakuthi lapho oBekezela bezokuba nekliniki engumahamba nendlwana lapha esitolo sikaCele, uCele ayeke ukuhamba namabhasi ache ngoba ethi akafuni ukuba oBekezela, njengabantu abasebenza kwaHulumeni, baphatheke kabi esitolo sakhe. Lapho bematasa nokujova izingane , uCele yena wabe kungesiwona umsebenzi wakhe lowo. Bayothi bethuka abomtholampilo kube kulethwa itiye namakjekhe anhlobonhlobo ashaya khona. Kuyothi lapho sebecabanga ngokudla kwasemini babone sekuqhamuka isisebenzi sizobuza ukuthi badinga hlobo luni lokudla njengoba kuye kwenzeke emahhotela nasezindaweni zokudlela lapho uye ukhonjiswe khona ipheshana elinezinhlobonhlobo zokudla. Nalapha-ke kwaCele babeya basho bathi ofuna amasi akasho, ofuna isitalapha-ke kwaCele babeye basho bathi ofuna amasi akasho , ofuna isitambu kanye nenyama yenkukhu noma yenkomo, asho. Nofuna ukudla lokhu kwaseNdiya, irayisis nokunjalo, nalo lalikhona. Akukho muntu owayengakutholi ukudla akudlalyo uma bezosebenza lapha kwaCele.

Downloaded from Stanmorephysics.com

IMIBUZO

1	Ngubani umlingiswa owathi ngeke aze asale uma kuyiwa esibhedlela .	(1)
2	Sizathu sini esenza umndeni wakwaZulu uye esibhedlela.	(1)
3	Ngamaphuzu AMABILI yini eyayikhombisa uZulu ukuthi wayenobuntu.	(2)
4	Umbhali uphumelele yini ukugcina umgomo wenani labalingiswa kule ndaba. Sekela indaba yakho.	(2)
5	Uvezwe njengomlingiswa onjani umkaZulu? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA**.**	(2)
6	Chaza ngomphumela omuhle wokusiza umuntu.	(2)
7	Iziphi izindlela EZIMBILI ezasetshenziswa isibhedlela ukuthola umndeni kaCele.	(2)
8	Ngokubhekisela empilweni kaCele, uthini umbono wakho ngomndeni wakhe?	(2)
9	Kwamzusisa ngani uZulu ukungcwaba uCele.	(1)
10	Ukuba wawunikwe ithuba lokweluleka uMaKhumalo wawungamluleka uthini? Bhala amaphuzu AMATHATHU**.**	(3)
		[18]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 13- INJA NENGALO

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA

UStofu efa ukuhleka, ekushaba ngakho ukukhwehlela lokho. “Angikuhlekisi mtakwethu ngicela usizo. Sengifile ukuhlushwa indoda. Angazi nje ukuthi ikhehla lisafuna izintombi zokwenzani ligugile kanje.Ewu, nawe wangibulala ngotshwala bakho, ngibuye ngibushikashika ngedwa. Yingqothovu yoqobo;ngizodakwa ngibe yimvuthe, “ kusho uNtombise egcina ngokubhodla” “Ngenziwa ukukhwehlela Grace .

Angazi nje ukuthi akasaqhamuki ngani yena uBhekani nobisi lwakhe ngizothenga ngiphuze. Yiyona mbiza yami enkulu phela leyo.” “Uqinisile Joana. Kuyadingeka phela ukuba sibuye sithole izimbiza njengoba siphuza nje. Mhlawumbe ukhwehleliswa yikho ukungcola ngaphakathi.” “Phinde Grace utshwala abunasici. Musa ukungikhumbuza uDludla wena owake wathi angiyeke utshwala.”

“Ngabe wabuyeka phela uma umyeni wakho esho njalo,” Kubhuqa uNtombise ehleka. “Wu-a! Ubani? Ndawo! Ngingayeka utshwala ? Kungabhubha izwe. Kumina utshwala bungubaba bungumama. Ngavele ngamtshwela ekhaleni nje ukuthi anginakukwenza lokho,Ngiyeke ukudla kwami,” kunqathuza uStofu. Ife futhi ukuhleka ewuGrace. “ Impela uqinisile Mtakwethu,” sekusho yena ,

“ Nami nje utshwala ngingeke ngingelokothe ngibuyeke, ngifunge uNdovela esho ngentshebe yakhe emhlophe ekanywa ngehleza.” “Sale usuletha kodwa mngani wami ngithi ngqa, ngoba sewuze wangilola,” kusho uStofu. Nempela emukele isigubhu lapho umhlobo umhlobo wakhe esemunikeza.

Athele umuthi enkomeni, asuke abeke phansi.Bathi ukuxoxaxoxa nje ezabo oStofu, nempela emva kwesikhashana waqhamuka uBhekani ngebhayisikili lakhe elinesigadla, ethwele ikani lobisi.

Wayehambe eshaya impempe abuye ame uma ebonaa beqhamuka emizini abazothenga. Nebala aze afike koStofu, ame , ake ancokole noStofu ngokwejwayelekile. UBhekani lona yinsizwa nje eneminyaka engamashumi amabili nanhlanu. “Awungiphe ubisi lwawosheleni abahlanu Bhekani,” kusho uStofu emnika imali.Nempela amkhelele ngojeke ekanini,amnike. Phela ujeke wawugcwala ngabo sheleni abahlanu.

UStofu avele aphuze ngawo lowo jeke uBhekani akhelela ngawo abantu ubisi.

Downloaded from Stanmorephysics.com

IMIBUZO

1 Ubani igama langempela lomlingiswa obizwa ngelikaStofu kulesi siqeshana (1)

2 Laba abalingiswa abaxoxa kulesi siqeshana bakuphi (2)

.

3 Yikuphi OKUBILI okwakwenziwa uStofu njengoba ehleli lapha emgwaqeni. (2)

4 Chaza kafushane isizathu esenza uStofu ayofuna umuthi wenhlanhla enyangeni (2)

5 Yikuphi okungumehluko phakathi komuthi wenhlanhla kaStofu kanye nokaBhekani. (2)

6 Iyini inhloso yombhali ukusibhalela le ndaba emfushane (2)

7 Isiphetho sale ndaba sihle. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

8 Ngokwendaba kwaba namuphi umphumela ukuwa kwebhayisikili elaliphethe ikani lobisi. (2)

9 Uyazwelana yini nomlingiswa onguBhekani ngesimo abhekene naso sokuboshwa ngamaphoyisa ebe ezama ukuziphilisa ngokudayisa.Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

[18]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 14 - AMATHUNZI EZINTABA

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA

Kuthe emva kwesikhashana waqhamuka uNomkhosi le phesheya, emzini kayise, evunule econsa, eze esithandweni sakhe. Wehla kancane ephethe imbiza yamanzi. Ngamlunguza ngisehlathini ehla kamtomti-uNobuhle wami, engasemuhle esechitha isikhathi, waze wazothi cababa emfuleni phansi. Waqonda emhlangeni ongasemthonjeni. Wayiphakamisa imbiza yakhe, wayifihla emhlangeni njengokujwayelekile. Wase ekhuphuka kancane ngesizotha, ebheke le phesheya, lapho imisebe yelanga yayisahlangana khona. Kanti phela nami nganginyonyoba kuhle kwekati licathamela inyoni. Ngaze ngabanda ngesiqukazi sesihlahla somnyezane engangibonanga, elokhu ebheke ngaphesheya. Ngake ngema isikhashana, kuthi angiqhimuke ngihleke kakhulu. Ngasuka nganyonyoba ngema ngemuva kwakhe. Ngase ngiwuqedela umdlalo ngokumemeza kakhulu ngithi “Hha!”

Mhlawumbe kuhle umuntu akhiphe ubuntu afake ubulwane uma echaza izimo ezibuhlungu njengalesi esingasoze saphela emicabangweni yami.

Saphenduka kanye isithandwa sami sesiphaphatheke simhlophe wu, sangithi nje jemu, ngabona amehlo aso eba mhlophe thunqu, emva kwalokho sagingqika phansi sesiwugodo ngenxa yokwethuka. Ngasibamba ngokushesha, ngazama ukuselula ngisiduduza, ngisitshela ukuthi yimina uSiziba waso owayesidlalisa, kwaba nhlanga zimuka nomoya. Sagingqika sijilajileka. Ngagijima ngikhubeka ngaye ngafike ngakhipha indebe yamanzi embizeni yaso, ngakha amanzi emthonjeni ngabuya nawo ngejubane. Ngazama ukumthela ngawo ngibuye ngimphuzise uNomkhosi, akwaze kwasiza. Wayethuke ngokweqile. Wanyakaza kancane wase eluleka ethi thwi.

1 Kungani uNomkhosi evunule econsa kulesi siqeshana? (1)

2 Yini edala ukuthi uSiziba anyonyobe ngokwalesi siqeshana? (2)

3 Uvezwe njengomlingiswa onjani uNomkhosi? (2)

4 Umbhali uphumelele ukugcina umgomo wenani labalingiswa kule ndaba . Sekela impendulo yakho. (2)

5 Sinjani isimo senhlalo kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (2)

6 Tomula umusho oveza ukuthi imizamo kaSiziba yokuvusa uNomkhosi ayisizanga ngalutho. (2)

7 Chaza NGAMAPHUZU AMABILI ubudlelwano abanabo uNomkhosi noSiziba. (2)

8 Yimuphi umyalezo odluliswa umbhali wale ndaba ? (2)

9 Uyazwelana yini noSiziba ngesimo esimuvelele sokulahlekelwa uNomkhosi? Sekela impendulo yakho. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 15 – NOMA NINI

Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela:

ISIQESHANA

Phela u-Apple Face isiyabhuyabhu sendawo, akekho oyazi kahle hle imvelaphi yakhe. Kuthiwa u-Apple Face nje ngoba yintokazi ezithandayo. Ihlale ishaye ezimhlophe qwa. Ihlale isho ngamasokisi, yize noma esenamaladi. Ebusweni lapha uphawuda yilapho ubuzwa khona. Izindebe zihlala zibomvu tebhu.Yingakho ebizwa ngo-Apple Face nje. Kuye kuthi lapho esegcwaneka kakhulu, athathwe asiwe eMgungundlovu, kwabagula ngenqondo. Uye umbone ngobungcono ukuthi ubuya khona. Kodwa namuhla sengathi sezisondele izinsuku zangaseMgungundlovu.
"We Gogo! We MaShandu! Ake ningivulele!"
"Hawu, yehheni Sizani, ake ubheke ukuthi ubani lowo omemeza esangweni." kusho uMaShandu.
"Yebo Mama. Uzwe ngani lokhu nezinja azizibekile phansi nje?"
"Hhiya! Ngivele ngabona ukuthi u-Apple Face lowo."
Anqonqoloze u-Apple Face nezinja zithi azimthathe, zimhalela zingaphakathi.
"Yini Apple Face? Ufunani ilanga liyoshona nje?
"Sizani, angifuni wena mina, ngifuna uMaShandu; ngijahe kabi."
"UMaShandu usaxakekile, unezivakashi. Nginikeze umyalezo wakhe."
Usho nje uSizani unqanda izinja.
"Ungangibhedeli mina wena. Mina angihlanyi. Awufundisiwe wena Sizani. Imfihlo ngingakutshela kanjani?"
"Mfihloni na leyo Apple Face?"
‘‘Ngiyeke phansi wena. Mina ngifuna ukutshela uMaShandu ngendodakazi yakhe. Sala kahle.”

1. Walithola kanjani u-Apple Face igama lakhe? (2)
2. Bahlobene kanjani uMaShandu noSizani? (2)
3. Tomula umusho ophelele ositshela ukuthi u-Apple Face akaphilile kahle ekhanda. (1)
4. Wazi kanjani u-Apple Face ukuthi uMaShandu unendodakazi? (2)
5. Chaza ngamaphuzu AMATHATHU ngephupho elalihlupha kakhulu uMaShandu. (3)
6. Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

	IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
	6.1 uZazi	A Wayeshade nendodana kaSithole.
	6.2 uNdunankulu	B Wayehlala eGoli.
	6.3 uDeliwe	C uSithole.
	6.4 uMphiwa	D Wayehlala eMbilo.

(4)

7. Bhala ingwijikhwebu etholakala kule ndaba. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
8. Yisiphi isifundo sitholile ngokufunda le ndaba? (2)

[18]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 16 – INSIMB' EDL' EZINYE

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA

Kwasuka esinamandla isidumo, uCebo waze wangena phakathi kwabo wabalamula. Nendodana yalapha ekhaya uSphiwe, yangena isigijima.

"Buthelezi, sikulande ngoba sikwethemba, sinesifiso sokuba umbulali kamama asheshe abanjwe njengoba wejwayele ukukwenza lokho. Nokho, namuhla ngizizwa ngidumala kabi uma kunguwena ophazamisa uphenyo ngokuchukuluzana nomseshi womshuwalense, njengoba ngizwa ngichazelwa. Angifune muntu ozodlala lapha. Ngikholwa ukuthi la makhulu ezinkulungwane awumklomelo esiwethembise oyothola umbulali kamama awubufakazi bengikushoyo. Uma ubona ukuthi uyadideka, noma uyakwehlula umsebenzi wakho, ngicela uzihoxise."

Kwaba muncu. Washeleza u-Andile. Wahwaqabala futhi uDukuza, wabuza wathi, "Angithi mfo kaMbulawa awubandlululi ngalo mklomelo? Ngisho nami nje ngiwumseshi womshwalense ngingawuzuza?"

"Ngaphandle kwamaphoyisa akwaHulumeni, noma ubani angawuthola. Naye uButhelezi noma ona izinto nje manje, ulapha nje ngoba esebenzela phezu kwawo."

"Udumo luyadakana njengombuso mfo kaMbulawa. Nomseshi wakho lona othi umethembile," emkhomba ngokunqekuzisa ikhanda, "ubulawa yilona. Wazi ukuthi uyena kuphela umasheshisa ekusombululeni izinkwalankwala. Manje usuyamgebhezelisa umona novalo lokuthi yimina namuhla engizophendula amatafula. Wenza amacebo okungixosha. Kanti ukhe phansi. Ngiyakwethembisa Mbulawa ukuthi umklomelo ngowami. Ungabe uqala ukungibhalela isheke, ungivulele nebhuku elisha ebhangi uma uthanda. **Iphunga lombulali selizwakala ekhaleni**. Ingathi base bazi nabangetha ngelikaDukuza Mkhondo.

IMIBUZO

1 Kungani kwakulandwe uButhelezi ,ngokwalesi siqephu? (1)

2 Wayethenjiswe mukomelo muni umuntu ozothola umbulali ? (1)

3 Tomula ibinzana lamagama asitshela ukuthi indodana yomufi yayifuna iqiniso ngokushona kukanina ingadlali. (2)

4 Chaza lesi simo sokukhuluma esishiwo uDukuza Mkhondo ukuthi sisho ukuthini :

Iphunga lombulali selizwakal ekhaleni. (2)

5 Bhala uxoxe ngamaphuzu amabili isisusa sodweshu kule ndatshana. (2)

6 Ubani umlingiswa omkhulu kule ndaba? Sekela impenduloyakho. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7 Xoxa ngesigameko esiyingwijibukwebu kule ndaba. (2)

8 Shono ukuthi ithini indikimba yale ndaba . Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)

9 Umbali uwulandelile yini umgomo wenani labalingiswa okufanele batholakale endabeni emfushane ? Selela impendulo yakho. (2)

10 Uyazwelana yini nomlingiswa onguDukuza kule ndaba? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

[18]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 17 – INGCEBO YEZICEBI

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA

Sicela ukubizela udokotela, Mesisi.Ubasi wathi ukutshelile nawe njengoba nathi asiyala ngokuthi uma ugula kufanele sikuse kunoma imuphi udokotela oziqokela yena ,noma-ke kwabakhe “abaphambili abasohleni asinikeze lona” . Wayencengwa izisebenzi **ukuphelela kwakhe emehlweni** zikubona ukuthi kwase kubika ukwemuka kokhukho nomoya.Waziphikisa uValerie ngokuthi,

“Kulokhu okungiphethe ngingelashwe udokotela; udokotela yinhliziyo.” Bamshiya ekhuluma yedwa ethi,“Namuhla Baba no Mama,nawe Richard,naze nangifaka ezifundweni senafa”UDave wagaleleka ngomuso, kuyisonto, emini yasekuseni engalindelwe .Uma ngabe emehlweni akhe uValerie wayemshiye ebukeka njengomyovu, namuhla wayesebukeka engangomiyane.

Wayebulawa nayisibibithwane. “ Awusho wena Nksz Bennet, ngenzenjani manje? Kwathi lapho sengikufake phakathi **komhlane nembeleko,** umuzi kungowakho, udla okuthandayo uyeke ongakuthandi,okuphuzwayo kungamanzi okuphala izikhumba,kokugitshelwayo uzikhethela phakathi kwamahhashi nemoto, kwayilapho ukhala ezingomi?

Uma ufuna ukundiza,shono ngikuthengele ithikithi le bhanoyi, ngihlele nabasemahhotela asezindaweni ofuna ukuzivakashela.”Impendulokwaba yizinyembezi ezinkolombeleni zezigobhe. “ Bengingathokoza impela Valerie uma ungaphangisa nempendulo ngoba ngiyaphuthuma. Kunezidingo ezingimele kuyimanje,” esho ebuka isikhathi ebucwazicwazini be-Omega eyayisesihlakaleni.

Wancinciza wabamba ikhanda. “Umphakathi uzothi ngangikulandela ukuzokubulala uma ungasengcono kunakuqala” “Noma-ke Dave kungathiwa umbuso lo, umbuso ophelayo. Uma kwenzeka uganwa ngingaba kuphi mina njengoba umkakho, njengami,engeke akuthokozela ukondliwa mahhala komunye umuntu wesifazane ngamandla akho ekhona?”

“Ngikholwa ukuthi angikezuganwa kule minyaka engamashumi amabili ezayo. Njengoba sengike ngakutshela kangingana , anginawo ngisho umzwana wesineke sothando. Mhlawumbe ngiyoba nawo kwelizayo.Okwamanje umsebenzi engiwenzayo ungiphosela inselele engangivumeli ukuba ngicabange ngomunye umuntu ngaphandle kwakho.Ukhombisa ukungangithandi Mnu. McCall.

Downloaded from Stanmorephysics.com

IMIBUZO

1	Ngokwalesi siqeshana ngubani lona owayebizwa ngoMesisi?	(1)
2	Bhala isizathu esenza uValerie anqabe ukuya esibhedlela.	(1)
3	Tomula ibinzana lamagama asitshela ukuthi uValerie wase engashona noma inini.	(2)
4	Chaza kafushane okwamangaza uMnuzane Dave ngenkathi efika emzini wakhe engalindelwe.Bhala amaphuzu AMABILI.	(2)
5	Ngubani umlingiswa omkhulu kule ndaba? Sekela impendulo yakho.	(2)
6	Xoxa ngodweshu lwangaphakathi olutholakala kuValeria ngemva kokunqaba ukuhanjiswa izisebenzi kwadokotela.Bhala ngamaphuzu AMABILI.	(2)
7	Isingeniso sala ndaba siyayilandela yini imigomo yendaba emfushane. Sekela impendulo yakho. Bhala ngamaphuzu AMABILI.	(2)
8	Chaza lesi zimo sokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenziswe kulo musho olandelayo ocashunwe kulesi siqeshana esingenhla. Kwathi lapho sengikufake phakathi **komhlane nembeleko,** umuzi kungowakho	(2)
9	Ukuba wena waunguDave wawungamhlalisa yini umuntu ongamazi emzini wakho ube ungahlali kuwo futhi ugwele impahla yakho ebizayo. Sekela impendulo yakho.	(2)
10	Uyazwelana yini nomlingiswa onguValeria ngalesi simo abhekene naso sokuhlala etshwaleni ngenxa ukuthi unezinkinga angakwazi ukuzixazulula.Sekela impendulo yakho.	(2)
		[18]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 18 - UMAKHONYA

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA

Wayesedinwe kungqangqazela amadevu uMakhoba ngesikhathi ethethisana nonkosikazi wakhe umandelu. Ingxabano lena isuka ngendodana, uMvuseni olanywa yintombazane, ubusisiwe. Uthe angaphumelela ebangeni leshumi uMvuseni, watshela abazali bakhe ukuthi akasazimisele ngokuqhubeka nesikole. Wathi usefuna ukuyosebenza. Nalo ibanga leli leshumi kube ngumqansa ukufika kulo, ngoba alikho ikilasi anagliphindanga selokhu afika esikoleni esiphakeme Okuyikhona osekubangwa nguMakhoba nomkakhe ngukuthi uMaNdelu uyahambisana nesinqumo esithathwe nguMvuseni, kuyilapho uMakhoba akezwa nakuzwa ngomuntu ongafuni ukuqhubeka nemfundo yena esazimisele ngokumfundisa. Uthi ngempela uma engavumela ingane yenze intando yayo ngabe kusho ukuthi ubudoda bakhe akabumeli.

Wayesezame izikhathi eziningana uMakhoba ukubonisa indodana yakhe ngobuhle bemfundo. Kwakumane kube sengathi uthela amanzi emhlane wedada nje ngoba uMvuseni umane athi akasayingeni neze yena indaba yemfundo. Azame ukuyikhiphela sonke isineke uMakhoba, indodana eyitshela ukuthi umsebenzi wabantu abangafundile uya ngokuya uncipha, sekudingeka abantu abaqeqeshiwe emsebenzini. Abantu abangeke babe nezinkinga zokumelwa emsebenzini njengabo oMakhoba abamelwa kuze kuyoshona ilanga. EnguMvuseni imane ithi yona ukumelwa yinto yokugcina engenzeka, ayisoze yamelwa yona. Isho nokusho ukuthi abantu bokumelwa yibo kanye oMakhoba abangakhombisi ngisho nokuncane ukuhlakanipha okungaholela ekuphumeleleleni okuphelele. Iqhube ithi kufanele futhi bamelwe bona ngoba bayile nhlobo endala, engahambisani nezinguquko ezenzekayo ezweni. Osekucasula uMakhoba kakhulu ngukuthi ilikhiphe lime lithi mpo indodana yakhe leli gama lokuthi bona bangabantu bokudediswa endlelni ukuze ziphumelele izinhloso zabo zokuletha iizngquko empilweni. Ngakho ingafa nokufa yona enguMvuseni kunokuba iphinde iyoshaywa ngothisha esikoleni beyibuza umsebenzi wesikole. Nala mabhulukwe ampunga awagqoka esikoleni ayamdina, nalokhu ukuba kulokhu kuthiwa uyinduna yabafundi ngoba nakhu emdala kunabo kuyamcasula. ngakho-ke ngeke yena esayimela leyo nto, ontangayabo bayasebenza manje , ngakho-ke akasazimisele ngokuqhubeka nesikole. Yingakho-ke bephambana noyise.

Downloaded from Stanmorephysics.com

IMIBUZO

1 Ngubani umlingiswa owadinwa waze wangqangqazela. (1)

2 Bhala izizathu EZIMBILI ezazimenza acasuke agane unwabu? (2)

3 Yiziphi izizathu EZINTATHU ezazenza uMvuseni engafuni ukuqhubeka nokufunda. (3)

4 Tomula ibinzana lamagama asitshela ukuthi uJoko wayedlala ngesikhathi uma ethi uMvuseni akabuyele esikoleni. (2)

5 Yisiphi isenzo esenziwa uJoko esasikhombisa ukuthi wayengasayifuni ngempela indodana yakhe emzini wakhe. (2)

6 Uyavumelana yini nombono kaMandelu wokuthi kulungile asiyeke uMvuseni isikole. Sekela umbono wakho. (2)

7 Chaza kafushane ukuthi isihloko siyahambisana yini nendaba. (2)

8 Kwaba yini isiphetho sokuyeka isikole kukaMvuseni. (2)

9 Izenzo zikaJoko zaba namphumea muni esiphethweni sendaba. (2)

[18]

Downloaded from Stanmorephysics.com

IZINKONDLO : AMAHLOKOHLOKO/ IZIKWAZI ZOTHUKELA-EJ Mhlanga no JJ Thwala

UMSEBENZI 19 – KUDLA FUMUKA KUDLE SILAZA

Funda le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

KUDLA FUMUKA KUDLE SILAZA – FF Mbatha

Sinizwa kahle zikhulumi,
Nithi asesule izinyembezi ezigelezayo,
Sikushaye indiva ukubalisa kwenhliziyo,
Sikholwe singakholwa yiqiniso –
Umfowethu uselifulathele elakwamhlaba.

Siyanizwa zikhulumi,
Nithi asigwiny' itshe singemifula,
Silalel' usizi lusijijimeza,
Lusijijimeza ngemicibishilo,
Ngemicibisholo yezinhlungu.

Bekufanele yini
Ukufa kumakhel' uzungu,
Kancane kancane kumcathamela,
Kumcathamele kumholele ophathe
Engazelele kumbhozomele kumjuqe?

Bekufanele yini
Ukufa kusine kuzibethele,
Iminjunju idlale ngaye
Izinhlungu zichachaze kuye.
Ubuhlungu bube buhlungu kabuhlungu?

Bekufanele yini
Impophoma yezinyembezi igobhoze
Ithantala lezinyembezi ligeleze,
Ligeleze njalo lemuke nempilo,
Impilo okungukuphela kwayo?
Bekufanele yini
Injabulo nezifiso kungafezeki,
Ukufa kumhlwithe ngesidlozana?
Kufa awunanembeza,
Ngokudla fumuka udle silaza.

Siyanizwa baduduzi,
Nith'asigwiny'itshe sixole.
Nithi lena yingoma mtshelekwana,
Akukhethi bala nanyaka
Kudla fumuka kudle silaza

Downloaded from Stanmorephysics.com

1 Tomula umugqa owubufakazi bokuthi lona oshonile uhlobene nembongi. (1)

2 Gagula isisho endimeni-1 bese unikeze incazelo yaso. (2)

3 Bhala imigqa emibili esenkondlweni echaza ukuthi umufi ugule kakhulu. (2)

4 Chaza ukuthi isihloko esithi " Kudla fumuka kudle silaza " sisho ukuthiningokwenkondlo ? (2)

5 Chaza kafushane ngomoya wenkondlo usekele ngokubhekisa enkondlweni. (2)

6 Khetha impendulo eshaya emhlolweni kulezi ozinikiwe:
Ukufa kusine kuzibethele kusho ukuthi :

A kugide
B kubethele
C **kuzitike**
D kusine (1)

7 Humusha umugqa wama-33 , ngabe umbongi isho ukuthini ngawo ?
Nithi lena yingoma mtshelekwana (2)

8 Chaza leli gama elicashunwe enkondlweni **: impophoma**
(1)

9 Phawula ngomlayezo owedluliswa yimbongi kule nkondlo. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 20 - IZIMOMONDIYA

IZIMOMONDIYA – ZB Gama

Ngizibonile ezinhle kakhulu
Amalamb' edlile uqobo,
Omashayela phezulu boqobo,
Ngisho amankisimane ansundu
Akhuluma asikhiphe ngamakhala,
Izintombi zendlu empisholo.

Amakhanda agcwele ayachichima,
Ulwazi lobuchwepheshe besimanje,
Izimomondiya ezisebenza zihlezi,
Yeka iminwe ukuchofoza,
Iminwe egijima iye le,
Ibuye emuva, iye phambili.

Amehlo agqolozele ibhokisi,
Iminwe ichofoza amathambo,
Ngisho amathambo amhlophe,
Agqize ngomnyama umbala,
Okomfaniswano wezingane zesikole
Zigxumagxuma emabaleni.

Ngiyaseshwama isimangaliso seminwe
Egidagida phezu kwamathambo,
Ngisho amathambo amhlophe
Ibhale umyalezo wansondo
Yeka ubuciko bekhompuyutha,
Ubuciko bondlebe zikhanya ilanga.

Angiwubonaze umshini oyisimangaliso,
Umshini okhuluma buthule,
Umshini obuza buthule,
Yisimangaliso lesi sakobelungu.
Esifinyeza umsebenzi omkhulu
Isimangaliso ubaba nomama.

Downloaded from Stanmorephysics.com

IMIBUZO

1. Tomula imigqga EMIBILI evulekile esitanzeni sokuqala. (2)
2. Yiliphi igama esitanzeni sokuqala elisho abantu abamnyama (1)
3. Gagula umqondo osobala otholakala esitanzeni sesi-2. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
4. Nikeza umugqa onesikhawu / isizura esitanzeni sesibili. (2)
5. Yini le ebizwa ngebhokisi kule nkondlo? (2)
6 Tomula umugqa oyisifaniso otholakala esitanzeni sesi-3. (2)
7 Chaza isigqi sale nkondlo. (2)
8 Uyavuma yini ukuthi le nkondlo inomoya wokuncoma? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)
9 Tomula imigqa EMIBILI enokuxhumana okutholakala esitanzeni sesi-5, dwebela amagama aveza ukuxhumana bese u sho ukuthi luhlobo luni lokuxhumana. (2)
10 Uthini umyalezo wale nkondlo? (2)

[18]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 21 - NONKULLEKO

NONKULULEKO

Nonkululeko ntokaz' enhle
Kad' ufunwa nkalo zonke,
Imilomo ingavalwa ngawe,
Ufunw' ezintabeni nasemaweni,
Ufunw' emagqumeni nasezigodini,
Namhla ufunyenwe ntokazi enhle.

Nonkululeko ntokaz' enhle,
Ufunwe ngaphesheya nanganeno,
Wafunywa yonk' i-Afrika,
Wafunywa kuyo yonk' i-Eshiya,
Wafunywa kuyo yonki i-Yurophu,
Wafunwa kuyo yonk' i-Melika,

Nonkululeko siphalaphala sika-Afrika,
Ukufika kwakho kuleth' intokozo,
Yesul' izinyembezi zeminyaka,
Namuhla sisin' umphiqo,
Sishay' indlamu, sichway' umchwayo,
Sisin umphendu, sisin' umqokozo.

Nonkululeko ntokaz' enhle,
Ulindwe ngokukhul' ukubekezela
Ulindw' abanewenu bozalo,
Baguquk' imilalandle kwezinye izinkalo,
Bagqok' izinxibi kwamany' amagquma,
Baguquk' iziduli zaphakade kwelemiphafa.

Nonkululeko ntokaz' enhle,
Ukufika kwakho kufana
Nokuqhamuka kwenhlamvu yelanga,
Ewukukhanya kwaphakae.
Ubukhona bakho bash' ikuhlabana
Okuyosala kungumlando waphakade.

31 Nonkululeko ntokaz' enhle,
32 Uzel' uNokuthula sethaba,
33 Wazal' uNtuthuko sethaba,
34 Wazal' uNobuhle sethaba,
35 Wazal' uNolubambiswano sethaba,

Downloaded from Stanmorephysics.com

36	Phila njalo ntokaz' enhle.
37	Nonkululeko ntokaz' enhle,
38	Mana njalo kuleyo nqubo,
39	Qhubeka njalo kuleyo migomo,
40	UNolucwasano mfak' inhlanekela,
41	UNoluphithano mkhom' indlela,
42	UNomaqili mfundis' isifundo.

IMIBUZO

1. Tomula umugqa ofakazela ukuthi le ntokazi ibifunwa yonke indawo (1)
2. Chaza lezi zimo zokukhuluma ezisenkondlweni:

   Ubukhona bakho bash' **ukuhlabana.**
   Imilomo ingavalwa ngawe. (2)
3. Chaza isigqi sale nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)
4. Tomula ukuxhumana sigcino okutholakala kule nkondlo. (2)
5. Indikimba yale nkondlo inkululeko, sekela lesi sitatimende ngokubhekisisa okushiwo enkondlweni. (2)
6. Imbongi ngabe ifuna ukusidlulisela muphi umyalezo ngale nkondlo? (2)
7. Ngaphandle kwe-Afrika bhala amanye amazwekazi amabili le ntokazi ebifunwa khona. (2)
8. Igama "indlamu" lisho, khetha impendulo eshaya emhloleni kozinikeziwe:

   A Uhlobo lomdlalo
   B Uhlobo lokusina
   C Uhlobo lodlame
   D Uhlobo lomculo (1)
9. Hlobo luni lwesifengqo lo musho olandelayo:"Wazal' untuthuko sethaba" (2)
10. Unjani umoya wale nkondlo? (2)

[18]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 22 – STHANDWA SAMI

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela

STHANDWA SAMI

Sengikhona ngingangawe;
Woza mtaka kamama,
Woza ethafeni lukuhlangana kwethu,
Lapho kushaya khona umoya opholile,
Lapho kuhlanganisw khona umculo omtoti,
Wezinyoni ezicikoza kamtoti okokhokho bazo,
Nowezinyosi ezizingela impova namanz` oju

Woza sithamundelane izindaba zothando,
Olumi ngezinyawo ludlula iziqongo,
Sixoxe kunganyakazi izindebe zomlomo,
Odlulayo nobukayo adabuke phakathi,
Engibuka angobone ngisemehlweni yenomfi,
Kanti ubuso bami nokuzithoba kwami,
Yikhona okumshaya ngemfe iphindiwe.

Woza s'thandwa senhliziyo yami,
Ngikugqolozele ungigqolozele ezinhlamvini zamehlo,
Ziphuphuma ukwethaba nothando olucwebile,
Oluyaye lushayelwe ubuwahlawahla behlombe,
Wulwandle ludlalisela phambi kwethu,
Luzibumbela imibimbi emihle ekhangayo,
Efa ivuke ngokuphazima kuhle okwedangabane.

Woza s'thandwa senhliziyo yami,
Ngikubambe ngqi ngikuwolele esifubeni,
Ucamele kusona sethabe othandweni olujulile.

Mina nawe sahlangniswa kubuk'ilanga
Ngakukhipha ngikubambe ngesandla,
Usubavumile abakhwenyana basemzini,
Ngakubamba ngesandla usuya emzini
Ngafike ngakushiya ngezinyembezi ezazigeleza,
Ezazivovwa yinhliziyo yami eyayidangele,
Ngakushiya ngabuya ngingasakuphethe ngezandla,
Kepha sengikuphethe ngenhliziyo nengqondo.
Woza-ke s'thandwa senhliziyo yami,
Wena ungowami
Nami ngingowakho,
Size sehlukaniswe ukufa

Downloaded from Stanmorephysics.com

1. Nikeza igama elisho ubumnandi esitanzeni -1 ? (1)
2. Tomula umugqa osho ukuthi imbongi ifuna ukuthi baxoxe ngothando nesthandwa sayo estanzeni sesi-2 (1)
   Fingqa ngamaphuzu **AMABILI** umqondo osobala wenkondlo estanzeni ses-3 (2)
3. Chaza isigqi sale nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)
4. Bhala imigqa **EMIBILI** enemvumelwano etholakala estanzeni sesi-4, bese uyayidwebela. (2)
5. Imbongi iyisebenziseleni imigqa evalekile kule nkondlo ? (2)
6. Shono ukuthi imbongi iqondeni ngalamazwi.
   Yikhona okumshaya ngemfe iphindiwe (2)
7. Ngaphandle kwe-Afrika bhala amanye amazwekazi amabili le ntokazi ebifunwa khona. (2)
8. Khetha impendulo efanele kwezilandelayo echaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile:
   Ezazivovwa **yinhliziyo yami eyayidangele**

   A Eyayiyinhle
   B Enkulu
   C Ebuhlungu
   D Ethokozile (2)
9. Uyavumelana yini nolokhu okushiwo yimbongi emgqeni wama-36 ?
   Sekela impendulo yakho ngephuzu **ELILODWA**. (2)
10. Uthini umyalezo wale nkondlo ? (2)
11 Phawula ngomoya oqukethwe yile nkondlo. (2)
[18]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 23 – YOBE NSIZWE' ENYE

Funda le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

YOBE NSIZWENYE

1 Bese uzishaye zaphelela,
2 Usuzowakha umuzi kayihlo.

3 Esibayeni sakho esichichimayo
4 Uzishaye zonke ngemibala yazo,
5 Kwasala ezinye zasiqhumisa,
6 Lokhu zigcwele ziyagwazana,
7 Zigcwele njengothando lwakho naye.

8 Njengoba wamkhetha wamehlula ngamazwi wavuma,
9 NoSiyafa isoka lamanyala elingahlulwa,
10 Limvimbezele ngengcwenga yamazwi wavuma,
11 Wabopha umphefumulo kuphela wamuka,
12 Lwaliphumela kuqala udwendwe,
13 Wena usakhomba izinsuku ezizayo,
14 Ezizofika zingasafumbethe lutho ngezandla zazo.

1. Hlobo luni lwenkondlo lolu? (1)
2. Tomula umugqa ochaza ukulobola uqede. (2)
3. Chaza umqondo oqukethwe umugqa wokuqala nowesibili (2)
4. Gagula uhlobo lwesifengqo olutholakala emugqeni wesi-7 (2)
5. Nikeza igama elimqondofana nelithi udwendwe. (2)
6. Fingqa ngamaphuzu amabili okushiwo yimbongi emgqeni wesi-3 kuya kowesi-7. (2)
7. Ubani uSiyofa imbongi ekhuluma ngaye kule nkondlo? (2)
8. Isho ukuthini imbongi uma ithi:'Wabopha umphefumulo kuphela wemuka (2)
9. Phawula ngesigqi sale nkondlo bese usekela impendulo yakho. (2)

[17]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 24 – SIPHUKUPHUKU NDINI

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

SIPHUKUPHUKU NDINI – LMMS MADONDO

1 Siphuphutheki ndini ungisaphi?
2 Ungithubelezis' okwenkomo yokwebiwa,
3 Kwenzenjani engqondweni yakho?
4 Ujezisa ilungelo owaliphiwa uMdali
5 Lokumelekelela ekudalekeni kwami,
6 Ungidlisa emadlelweni mbumbulu,
7 Uyambuluza ungifunze ubumbulu.

8 Siduphunga ndini ucabangani?
9 Uthini ngemvelaphi yami engingenakuyazi?
10 Ngendlela ongifihlele ngayo ukuyazi
11 **Wangifunza obakh' ubumpoqabulungu,**
12 Ngidedele ngifund' olwami ulimi,
13 Ngivumele ngiqonde elami isiko,
14 Ze nami ngikhulise abami ngendlela.

1. Hlobo luni lwenkondlo lolu ? Sekela impendula yakho. (2)

2. Igama elithi **ungithubezelis**' lisho ukuthini ? Khetha impendulo kulezi ozinikiwe:
   A Ungihambisa kancane.
   B Ungihambisa ngokushesha.
   C Ungihambisa ngokucasha.
   D Ungihambisa kahle. (1)
3. Tomula ukuxhumana sigcino okutholakala esitanzeni sokuqala. (2)

4. Khipha umugqa oyinjambementi esitanzeni sesi-2. (2)

5. Fingqa umqondo wenkondlo NGAMAPHUZU AMABILI. (2)

6. Hlobo luni lwesifenqo esitholakala emgqeni wesi-3. (2)

7. Imbongi ichaza ukuthini ngalo mugqa :
   Wangifunza obakh' ubumpoqabulungu (2)

8. Chaza ngethoni yale nkondlo NGAMAPHUZU AMABILI. (2)
9. Ngokucabanga kwakho kubaluleke ngani ukuthi umntwana afunde ulimi namasiko ache. Skela impendulo yakho NGAMAPHUZU AMATHATHU. (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 25 – KOMILE GEQE

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

KOMILE GEQE

Kungathi yiminyakanyaka,
Imvelo ithule ayithi nyaka,
Ugagane ungafunga lomile,
Isanqawe sokubingelela ngameva
Usondela ukusondeza ngameva
Konke kuthule kuthule cwaka.

Izinkomo yizimbanjana zimbuncene,
Kushayana amadolo ziqothukile,
Ukutanasa nokudishazela kuphelile,
Ukubhonsa nokubhonga kunyamalele,
Imvelo ilele notshani buhambile
Konke kwemukile kusikekile,
Inkemane imile iphango libhokile.

Amaxoxo anyamalele kuthule cwaka.
Izinhlanzi ungafa yizo kuphele ukugxuma,
Imfundamakhwela ayibonwa umdwebo do,
Ujekamanzi uzichome obhukwini wangena shi,
Abakonyoka bahulazele bayobhaca,
Isiziba sibe wubindiza some nke.

Yisikhathi esinzima sendlala,
Indlala engahambi kuhamba inala,
Ukudansazela ngezisukazi ezicwebezelayo,
Kuphelile izisu zambanqana zasha,
Konke ngathi akuseyukubuya,
Usuku lude nga yiminyaka.

Ubingelelwa yimifantukazi eminkenke,
Umtshuzo wabafana bezinkomo uphelile,
Amandambi ajokole abuyela emafini,
Inyanga iyidedele imvula ayimumethe.
Ungqoqwane ugqogqe ngekhaza
Lwagqoggeka lonke uhlaza.

Downloaded from Stanmorephysics.com

1 Bhala uhlobo lwesihlahla esibukeka sengathi sishile esitanzeni soku-1. (1)

2 Tomula imigqa enemvumelwano esitanzeni soku-1. Dwebela isibonelo ubhale nohlobo lwayo. (2)

3 Bhala elinye igama elisho umfula omkhulu elitholakala kule nkondlo. (1)

4 Tomula umugqa OWODWA onempindamagama esitanzeni soku-1 bese uyidwebela. (2)

5 Bhala uhlobo lwesifengqo olutholakala kulo mugqa olandelayo.

Imvelo ilele notshani buhambile (2)

6 Phinda ubhale le migqa elandelayo usho uhlobo lokuxhumana olutholakala kule migqa bese udwebela izibonelo.

Yisikhathi esinzima sendlala,

Indlala engahambi kuhamba inala, (2)

7 Chaza ngokuqhathanisa umehluko phakathi komugqa we-7 nowama-22. (2)

8 Ngamaphuzu AMABILI bhala umqondo osobala wale nkondlo ubhekise esitanzeni sesi-5. (2)

9 Ingabe uyavumelana nokuthi isigqi sale nkondlo siyanensa? Sekela impendulo yakho. (2)

10 Ngokucabanga kwakho yini engenza ukuthi kube nzima kweminye imindeni ukuba/ukuthola ukudla ngalesi sikhathi kule ndawo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

[18]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 26 - INGQALABUTHO

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

INGQALABUTHO – L.M.M.S MADONDO

Ingqalabutho, umzukulu kaMakhwatha,
UMshini noLeah babeziqhweba inqulu,
Ngengqalabutho kaZulu.
Wabhula umbethe nonhlevu.
Nawe Groutville awumncinyana.
Engathi sihaya nje uwe
Owasifundisa ukuhaya ngesimanje.

Wabhul'umbethe ngenkondlo kaZulu,
Inkondlo kaZulu kwakuyizibulo lakho
Inkondlo kaZulu yavusa uZulu
Inkondlo kaZulu yacathulisa uZulu
Wayikhomba indlela kaMakhwatha
Wayikhomba inyathuko njengomholi
Sikhuleka kuMshini benoLeah.

Emva kweshumi leminyaka,
Inkondlo kaZulu yelanywa
Ilanywa Amal'eZulu
Amal'eZulu akunika izimpiko
Wadlondlobala kwajabha izimfamona
Zibona uqombola ummango, uqopha umlando.
Sibongela uMshini noLeah

Kwale noma bekucokofula.
Abamhlophe nabansundu
Thina sithi akusoka lingenasici
OTaylor benomlingani wakhe uGerard
Babethi bakwehlisa isithunzi
Kanti bakushunqisela impepho
Impepho yokudla ubhedu lobunyosi
Sibonga isisu sakho Leah.

Izimbong' eziningi zikushayel'ihlombe
Zitusa ikhono ingqayizivele
Zith'uVilakazi ingqalabutho
Enyunivesi yabamhlophe abelungu.

Nakuba ilanga lashona useliguqa,
Ukulwile ukulwa okuhle
Umzabalazo wakho usezandleni zethu,
Imbenge owayiqalayo,
Siyosala siyiphetha.
Izinyembezi esakukhapha ngazo,
Namuhla ziyintokozo nethemba.

Downloaded from Stanmorephysics.com

1. Shono indikimba yale nkondlo (1)

2. Wazalelwa kuyiphi indawo umbhali wale nkondlo (1)

3. Tomula imigqa enokuxhumana esitanzeni sesi-4 bese udwebela lawo magama akhomba ukuxhumana bese usho uhlobo lokuxhumana olubhalile. (2)

4. Bhala izincwadi ezimbili ezabhalwa ingqalabutho. (2)

5. Iqonde ukuthini imbongi emgqeni we- 18 uma ithi :

   Amal' eZulu akunika izimpiko (2)

6. Uthini umyalezo wale nkondlo. (2)

7. Bhala imisho EMIBILI enesizura otholakala kule nkondlo (2)

8. Uyavumelana yini nokuthi le nkondlo inomoya wokuncoma? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

9 Ngamaphuzu AMATHATHU fingqa umqondo wale nkondlo ubhekise esigabeni sesi-6. (3)

[17]

Downloaded from Stanmorephysics.com

IZINDABA EZIMFISHANE- IZINYEMBEZI ZOTHANDO – D.B.Z. NTULI

UMSEBENZI 12- WAKUBONA WAKUBELETHA (MEMO)

1 UMaKhumalo / uNkosikazi kaZulu. ✓ (1)

2 Babeyochaza ukuthi bamazelaphi uCele. ✓ (1)

3 Uma kufika iklinikhi engumahamba nendlwana babenzela abantu izinhlobo zokudla. Uma bejova izingane uCele wayehamba echazela abantu ngobuhle bokugoma nokuphila kahle. Uma abantu bexakekile wayebaboleka imali. ✓✓ (2)

4 Yebo uphumelele ngoba abalingiswa abadlulanga kwabahlanu. ✓✓ (2)

5 Wayevezwe njengomlingiswa ongenalo uzwelo/ onenhliziyo elukhuni, ngoba wayelwisa umnyeni wakhe uma ethi ufuna ukusiza uCele. ✓✓

(Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi.) (2)

6 Ivele izandla ziyagezana uCele wake wamsiza uZulu loko okwenza uZulu angambukeleli uma esegula. ✓✓ (2)

7 Bakhiphe emsakazweni, nasemaphepheni. ✓✓ (2)

8 Babemthanda ngoba enotho. ✓

Abayenzanga imizamo yokumthola. ✓ (2)

9 Wathola imali engango R 150 000. ✓ (1)

10 Ukuba wawunikwe ithuba lokweluleka uMaKhumalo wawungamluleka uthini? Bhala amaphuzu **AMATHATHU.** (3)

[18]

UMSEBENZI 13 - INJA NENGALO (MEMO)

1 UJoana✓ (1)

2 Basemgwaqeni elokishini, eMphithi. (2)

3 Wayephuza✓
Wayedayisa✓
Wayexoxa nomngani wakhe uNtombise ✓ (2)

4 Wayefuna ukudonsa abathengi njengoba wayengumdayisi.✓✓ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

5 OkaStofu -Inja ✓ (2)
OkaBhekani -ingalo yengane.✓

6 Inhloso ukusiqwashisa/ukusifundisa
-Boqaphela ukudla okudayisa emgwaqeni okunye akulungile.✓
-Ungabomethemba umuntu
-Ungabojabula uma omunye umuntu ehlelwe into embi ngoba nawizokwehlela .✓ (2)

7 Isiphetho sale ndaba sihle.
Bonke abenzi bobubi bagcina beboshiwe ✓
uJoana wayedayisa inyama efake ikhanda lenja, ephinde edayise nenyama yenja.
uBhekani wayedayisa ubisi efake ingalo yengane phakathi.✓. (2)

8 Kwaba nemiphumela emihle
Kwavela ukuthi uJoana wenza okungalungile ukufaka ingalo yengane obisini aludayisayo waboshwa ukuze angaqhubeki nokuludayisa.✓
Abantu ababeluthenga bavikeleka ebungozini ababengabhekana nayo uma sebeludlile.✓ (2)

9 Angizwela naye ✓
Kungenzeka untshontsha izingane zabantu azinqume ukuze ezothola le ngalo ayifaka obisini(lokhu kuwukuhlukumeza umphakathi).✓
Ukudayisa kwekhe lolu bisi lungagulisa abantu abaningi abanye begcine sebeshona. (3)
[18]

UMSEBENZI 14 - AMATHUNZI EZINTABA (MEMO)

1 Uzohlangana noSiziba osanda kumlobola.✓ (1)

2 Ufuna ukuthusa uNomkhosi. ✓✓ (2)

3 Olungile
Othembekile ✓✓ (2)

4 Inani labalingiswa alidlulanga kwabahlanu. ✓✓ (2)

5 Asisihle
UNomkhosi akawujabulelanga umdlalo wokuthuswa. ✓✓ (2)

6 “Ngazama ukumthela ngawo ngibuye ngimphuzise uNomkhosi akwaze kwasiza” ✓✓ (2)

7 Bayathandana
UNomkhosi uyingoduso kaSiziba njengoba esemlobolile. ✓✓ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

8 Qaphela ungadlali ngento engaba yingozi komunye umuntu. ✓✓ (2)

9 Yebo ngiyazwelana.
Uyamthanda kakhulu uNomkhosi ubengaqondile ukumbulala. ✓✓/
NOMA
Cha angizwelani naye.
USiziba wayesebonile ukuthi uNomkhosi unenking yokusaba kodwa wakhetha ukumdlalisa ngokumethusa. ✓✓ (2)

UMSEBENZI 15 - NOMA NINI (MEMO)

1. Ebusweni wayefaka uphawuda kakhulu izindebe zakhe zihlale zibomvu tebhu. ✓✓ (2)
2. USizani usebenza ekhaya likaMaShandu.✓ (1)
3. Kuye kuthi lapho esegcwaneka kakhulu, athathwe asiwe eMgungundlovu, kwabagula ngenqondo ✓ (1)
4. Yingoba u-Apple Face nguyena owambelethisa ingane ngenkathi esangunesi esibhedlela. ✓✓ (2)
5.
   - Waphupha uSithole/umyeni wakhe emnika isinkwa. ✓ (1)
   - Isinkwa siphephulwe isivunguvungu asale emi yedwa emhlabathini ogugulekile. ✓ (1)
   - Isinkwa siphenduke ingane ezelwe esongwe kahle ngezingubo. ✓ (1)

6 6.1 D√/Wayehlala eMbilo ✓ (1)
6.2 C √/uSithole ✓ (1)
6.3 A √/Wayeshade nendodana kaSithole✓ (1)
6.4 B√/ uNdunankulu✓ (1)

7. OKUBILI kwalokhu:
   - Ukuthi intombazane eyalimala engozini yemoto ingane kaMaShandu✓/
   - Ukuthi uMaShandu walahla ingane yakhe yentombazane. ✓/
   - UMaShandu akabatshelanga abazali bakhe ukuthi ukhulelwe. ✓
   - UMaShandu akamtshelanga uSithole ukuthi wake waba nengane. ✓ (2)
8. Ukuthi ayikho imfihlo engaveli. ✓✓
   (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi. (2)

[18]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 16 - INSIMBI EDLA EZINYE (MEMO)

1 Ulandwe ngoba ethenjiwe, kunesifiso sokuthi umbulali asheshe abanjwe njengoba ejwayele ukukwenza lokho ✓ (1)

2 Amakhulu ezinkulungwane.✓ (1)

3 Angifune muntu ozodlala lapha. ✓ (2)

4 Umbulali sekuseduze ukuba abanjwe. ✓ (2)

5 Ukushona kukankosikazi Bafunani Mbulawa,okwenzeka ngobugebu obunesihluku. Ukuthi kukhishwe umkomelo mayelana nomuntu ozothola umbulali, lapho wonke umuntu wayefuna kube nguyena owutholayo✓✓ (2)

6 U-Andile
Sithola endabeni enenkinga yokuthi umseshi womshwalensi unokubanga ,naye ufuna ukuthi avelele ekutheni uyakwazi ukuphenya.
Uyaphinda uze uyaboshwa ngoba kutholakala ubufakazi emotweni yakhe ,kanti iqiniso lizovela ekugcineni ,logezeke negama lakhe✓✓ (2)

7 Ingwijibukhwebu
Siyithola ekugcineni lapho uZunyiwe eyilanda yonke indaba ukusuka nokuhlala, ikuveza ngokusobala ukuthi u-Andile akazange abe umbulali, umbulali nguyena uDukuza Mkhondo.
Kwase kubonakala ukuthi kwakuyicebo lika-Andile benoCebo ukuze kubanjwe isigebengu esinguDukuza.
Nembala kwabohswa uMkhondo Dukuza kwadedelwa u-Andile✓✓ (2)

8 Ubugebengu
Isigebengu esibulalayo,saphinde seqa ejele ngenxa yamacala aso,ekugcineni siyabanjwa ngamaphoyisa omthetho esebenzisa ubuhlakani obukhulu. ✓✓ (2)

9 Yebo uwulandelile
Siyabathola balingiswa bengebaningi okungumgomo wendaba efushane, sithole abanye bengasho lutho kodwa kukhuluma abambalwa.
Simthole umlingiswa omkhulu nenkinga abhekene nayo, engena ephuma ezinkingeni kodwa agcine ephumelele✓✓ (2)

10 Cha angizwelani naye
Siyamthola ejezela amacala ache obugebengu, nokuthi kuyabonakala ukuthi alikho iqili lazikhotha emhlana, ubethi ubophisa u-Andile kwagcina yena ejele✓✓ (2)

[18]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 17 - INGCEBO YEZICEBI (MEMO)

1	Basemzini kaDave✓/ Balapho okuhlala khona uValeria. ✓	(1)
2	Wathi isifo esimphethe asidingi elashwe udokotela,Udokotela inhliziyo.✓	(1)
3	“ Ukwemuka kokhukho nomoya”✓✓	(2)
4	Ukufica uValeria esondile kakhulu(ezacile)✓ Ukumfica ekhala.✓ Wamangazwa ukuthi usemnike yonke into uValeria ufunani kanti.	(2)
5	UValeria ✓ngoba yonke indaba ingaye.✓	(2)
6	Wacabanga ngomndeni wakhe osewashona wonke.✓ Waphimisela ukuthi usenkingeni nje kungenxa yawo.✓	(2)
7	Siyayilandela imigomo yendaba emfushane sethulelwa umlingiswa osemqoka uValeria ✓kanye nesizinda(indawo) EMhlali eShaka’s Rock.✓	(2)
8	Ukubusa/ukuphila kamnandi.✓✓	(2)
9	Ngangingeke ngimhlalise endlini yami✓ ngngekho ngoba wangentshontsha izinto zami abaleke nazo. ✓/ Ngangingamhlalisa✓ ngoba ngifuna angigadele umuzi wami/ ngimsize ngoba wayengenalo ikhaya.✓	(2)
10	Ngiyazwelana ✓naye ngoba lezi zinkinga ngeke esakwazi ukuzilungisa yedwa ngoba abantu okumele azilungise nabo sebashona bonke.✓/ Angizwelani ✓naye nguye owazikafa kulezi zinkinga wayengawunaki umndeni wakhe esebenza.✓	(2)
		[18]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 18 - UMAKHONYA (MEMO)

1 UJoko (uMaKhoba) (1)

2 Emva kokuphothula ibanga leshumi wathi akasaqhueki nokufunda, ekubeni uyise esezimisele ngokumqhuba.
UJoko wayekholwa ukuthi unina uyayivuna le ngane. (2)

3
- Wathi angafika esikoleni samabanga aphezulu langaba khona ibanga ayengaliphindi.
- Nokuthi othisha base bemubiza ngenduna yezingane futhi udinwa nawukugqoka amabhuukwe ampunga.
- Wayengasafuni ukuthi ashaywe othisha ngenxa yokubuzwa othisha umsebenzi wesikole. (3)

4 Kwamane kube sengathi uthela amanzi emhlane wedada. (2)

5 Wabhidliza indlu okwakulala khona indodana yakhe. (2)

6 Ngiyavumelana , yingoba wayemdala futhi wayesekade ephindaphinda isikole, nanokuthi unelungelo lokuzikhethela.
NOMA
Angivumelani, ngoba imfundo iyisikhiye sempilo. (2)

7 Yebo siyahlanganisa ngobo uJoko akaboniswa, akatshelwa, akalaleli into uma esethi uyayenza akaphikiswa. (2)

8 Wathola umsebenzi omuhe. (2)

9 Washaya indodakazi yakhe wayibulala ecabanga ukuthi indodana yakhe uMvuseni. (2)
[18]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA
AMAHLOKOHLOKO/ IZIKWAZI ZOTHUKELA-EJ Mhlanga no JJ Thwala

UMSEBENZI 19 KUDLA FUMUKA KUDLE SILAZA (MEMO)

1 Umfowethu uselifulathele elakwamhlaba.✓ (1)

2 Sikushaye indiva ukubalisa kwenhliziyo.
Inc : Singakunaki ukubalisa kwenhliziyo✓ (1)

3 Ukufa kusine kuzibethele
Izinhlungu zichachaze kuye / Iminjunju idlale ngaye”✓✓ (2)

4 Ukufa akukhethi , kuthatha omncane kuthatha omdala ✓ (2)

5 Umoya wosizi onokubalisa ngoba imbongi ishonelwe umfowabo.

“ Ukufa kumhlwithe ngesidlozana ? “
“ Bekufanele yini
Ukufa kusine kuzibethele,”✓ ✓ (2)

6 C✓/kuzitike✓ (1)

7 Lo mugqa uchaza ukuthi ukufa kwehlela bonke abantu akukhethi.✓ ✓ (2)

8 Amanzi ageleza esuka endaweni ephezulu njengedwala udonga bese ehlela phansi. ✓✓ (2)

9 Le nkondlo ikhuluma ngomuntu oshonelwe umfowabo futhi uphatheke kabi

*Imbongi ikhathazwa yindlela umfowabo agule ngayo ngaphambi kokufa✓

*Kukhona nabantu abazoduduza umndeni oshonelwe kodwa akuzweli✓ (2)

10 Imbongi idlulisa umuzwa abantu abashonelwe ababa nawo uma beshonelwe nosizi abadlula kulo kanye nobuhlungu bokugulelwa yilunga lomndeni. ✓
Iveza nokuthi ukufa akukhethi akuyi ngaminyaka kwenzeka kunoma ubani..✓ (2)

[18]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 20. IZIMOMONDIYA. (MEMO)

1.1 Ngizibonile ezinhle kakhulu ✓
Ngisho amankisimane ansundu✓ (2)

1.2 Empisholo (1)

1.3
- Amantombazane anolwazi olusabalele lokusebenzisa ubuchwepheshe besimanjemanje. ✓ /
- Amantombazane amahle asebenza ezihlalele phansi. ✓ /
- La mantombazane aneminwe esheshayo kwezobuchwepheshe. ✓ (2)

1.4 Ibuye emuva, iye phambili. ✓✓ (2)

1.5 Ikhompuyutha. ✓ (1)

1.6 Okomfaniswano wezingane zesikole. ✓✓ (2)

1.7 OKUKODWA kwalokhu:
Isigqi sale nkondlo siyashesha✓ ngoba:
- Imbongi iyancoma, ayidabukisi. ✓ /
- Imigqa eminingi mifishane. ✓ (2)

1.8 Ngiyavuma ngoba:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Imbongi incoma ubuhle bezintokazi ezimnyama .
- Incoma nendlela lezi zintokazi ezikhuluma ngayo ulimi lwesiNgisi. ✓✓/
- Imbongi incoma ukuthi lezi zintokazi zinolwazi olujulile lokusebenzisa ezobuchwepheshe/ ikhompuyutha. ✓✓

(2)

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi.)

1.9 Umshini okhuluma buthule
Umshini✓ obuza buthule,
Ukuxhumana siqalo ✓ (2)

1.10 Kubalulekile ukuthi abantu bafunde kabanzi ngezobuchwepheshe besimanjemanje. ✓✓ (2)
[18]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 21. NONKULULEKO. (MEMO)

1 "Kad' ufunwa nkalo zonke" (1)

2 a) Busho impumelelo. (2)
b) Abantu bahlale bekhuluma ngawe. (2)

3 Siyashesha imbongi isitshela ngobumnandi bokuzuza inkululeko,
Iyasitshela ukuthi inkululeko iletha ithemba nentokozo kubo bonke abantu. (2)

4 32 Uzel' uNokuthula **sethaba**
33 Wazal' uNtuthuko **sethaba**
34 Wazal' uNobuhle **sethaba** (1)

5 Imbongi ikhuluma ngokubaluleka kokuthi bonke abantu emhlabeni
Baphile ngaphansi kwenkululeko, kuphele ukwesaba kanye nobandlululo. (2)

6 Uma ufuna into eyigugu kuwe uyayisebenzela futhi uyilwele ngawo
Wonke amandla onawo, uma usuyitholile kumele uyiphathe kahle. (2)

7 I- Eshiya
I-Yurophu
I-Melika (amabili kulana) (2)

8 B- Uhlobo lokusina. (1)

9 Isenzasamuntu. (2)

10 Umoya wokujabula ngoba imbongi ithokozela inkululeko. ✓ (2)
[18]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 22. SITHANDWA SAMI. (MEMO)

1 Omtoti✓ (1)

2 Woza sithamundelane izindaba zothando✓ (1)

3 Imbongi Ibiza isthandwa sayo ukuba bahlale ndawonye babukane emehlweni,bekhombisana uthando. ✓✓/
Uthando uluyaye lushayelwe ihlombe ,lubeluhle emva kwesikhathi luzibumbele imibimbi emihle ekhangayo✓✓ (2)

4 Woza sthandwa senhliziyo yam**i**,
Ngikubambe ngqi ngikuwolele esfuben**i**, ✓✓ (2)

5 Ukukhombisa ukuthi isigqi sayo siyanensa ✓✓ (2)

6 Yikhona okukhohlisayo okungavezi imizwa yeqiniso /okuyiyona yona✓✓ (2)

7 C /Ebuhlungu✓✓ (2)

8 **Izimpendulo ziyokwehluka**:
Yebo. Abantu abathandanayo banesifiso sokuba kungabikho okubahlukanisayo
emshadweni wabo,ngaphandle lokufa. ✓✓

NOMA

Cha. Kuyenzeka ukuthi abantu abashadile /abathandanayo bahlukane kungakafiki ukufa✓✓ (2)

9 Imbongi ikhuluma ngomuntu emthandayo efisa ukuba naye impilo yabo yonke,
ifuna ukuthi baze bahlukaniswe ukufa naye✓✓ (2)

10 Inkondlo iqukethe umoya wothando, immbongi isebenzisa amazwi / amagama ahlukahlukene ukuveza imizwa yayo ngalo ekhuluma ngaye
Isbonelo:

Woza sithamundelane izidaba zothando
Woza s'thandwa senhliziyo yami,
Ngikugqolozele ungigqoloze ezinhlamvini zamehlo
Woza s'thsndwa senhliziyo yami✓✓ (2)
[18]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 23. YOBE NSIZW' ENYE. (MEMO)

1 isonethi. ✓ (1)
2 Bese uzishaye zaphelela'. ✓✓ (2)
3 Umqondo oqukethwe umugqa wokuqala nowesibili ukuthi lona imbongi ekhuluma naye ubese lobole waqeda sekusele ukuthi ashadelwe ukuze akhe umuzi kayise.✓✓ (2)
4 Isifaniso. ✓✓ (2)
5 Umshado. ✓✓ (2)
6 Eugqeni wesi-3 kuye kowesi-7 imbongi igqamisa ukuthi ziningi izinkomo esibayeni salona ekhuluma naye nakuba esezikhiphile ezinye kodwa zisasele futhi eziningi ezilingana nothando athanda ngalo othandiweyo wakhe. ✓✓ (2)
7 USiyofa imbongi ekhuluma ngaye ukufa. ✓✓ (2)
8 Imbongi isho ukuthi washona. ✓✓ (2)
9 Isigqi sale nkondlo siyanensa ngenxa yomoya wokubalisa / wosizi ✓✓ (2)

[17]

UMSEBENZI 24. -SIPHUKUPHUKU NDINI. (MEMO)

1 Isonethi. ✓
Inemigqa eyi-14. ✓ (2)

2 C/ Ungihambisa ngokucasha. ✓ (1)

3 6. Ungidlisa emadlelweni mbumbulu
7. Uyambuluza ungifunze ubumbulu. ✓✓ (2)

4 Ngendlela ongifihlele ngayo ukuyazi. ✓✓ (2)

5 Umbuzombumbulu. ✓✓ (2)

6
- Inkondlo ikhuluma ngomzali odukisa ingande yakhe. ✓✓/
- Ingane izithola ingazazi ukuthi ingubani ngenxa yomzali. ✓✓ (2)

7 Ukukhulisa ingane ngendlela yesilungu, uyiphoqelele ukuthi iphile njengabelungu. ✓✓ (2)

8
- Ithoni yalenkondlo inokukhathazeka ngomzali odukisa ingane. ✓
- Imbongi igxeka umzali ize imbize ngesiphukuphuku. ✓ (2)

9
- Kubalulekile ukuthi ingane yazi imvelaphi yayo. ✓
- Kumele ingane izazi ubuyona nendlela okumele iphile ngayo. ✓
- Ingane izokwazi ukudlulisa ulwazi elutholile esizukulwaneni esizayo. ✓ (3)

[18]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 25. KOMILE GEQE. (MEMO)

1 Ugangane✓ (1)

2 Imvumelwano sigcino✓
(Imigqa woku-1 nowe-2)

Kungathi yiminyakanya**ka**,
Imvelo ithule ayithi nya**ka**, ✓ (2)

3 Isiziba✓
(Umugqa 19) (1)

4 OKUKODWA kwalokhu:
Konke **kuthule kuthule** cwaka. ✓✓
(Umugqa 6) /
Usondela ukusondeza ngameva✓(Umugqa 5) (2)

5 Ukwenzasamuntu✓✓ (2)

6 Ukuxhumana ukuyingxemu/okutshekile. ✓

Yisikhathi esinzima **sendlala**,
Indlala engahambi kuhamba inala, ✓ (2)

7 Iphuzu ELILODWA kwaladelayo:
- Umugqa wesi7 izinkomo zondile zibulawa indlala kanti emugqeni wama-22 abantu bakhuluphele bondlekile lokhu kubonakala ngemizimba yabo emikhulu. ✓✓/
- Umugqa wesi-7 sekuyisikhathi sesomiso (izinkomo sezondile) kanti umugqa wama-22 sasengakafiki isomiso (yingakho abantu bekhuluphele.) ✓✓ (2)

8 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Isiziba sishile✓/
- Abafana abalusa izinkomo abasakwazi ukubhukuda. ✓/
- Kubanda kakhulu kuze kushe ngisho nezitshalo nezihlahla. ✓ (2)

9 Yebo ngiyavumelana ngoba

OKUKODWA kwalokhu:
- Imigqa eminingi ivalekile✓✓/
- Imigqa eminingi inezimpawu zokuloba. ✓✓/
- Imbongi iphatheke kabi ngenxa yemiphumela yesomiso yingakho ikhuluma ngokunensa. ✓✓ (2)

10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Ukudla akusavumi ukumila emasimini ngoba kuyasha/umhlabathi awukho esimeni esihle ngenxa yesomiso. ✓/
- Sekuyabiza kakhulu ukudla ezitolo✓/
- Kufanele beye ezindaweni ezikude ukuze bathenge✓ (2)

[18]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 26. INGQALABUTHO. (MEMO)

1. Ubuqhawe✓ (1)

2. eGroutville✓ (1)

3. Kanti bakushunqisela impepho
Impepho yokudla ubhedu lobunyosi. ✓✓ (2)

4. a) Inkondlo kaZulu✓
b) Amal'eZulu✓ (2)

5. Yayiqonde ukuthi amnika okuqhubekela phambili. ✓✓ (2)

6. Uma umuntu enephupho lokwenza into ethile kumele angalilahli ithemba uma izinto sezinzima, kodwa aqhubeke asebenze kanzima afeze iphupho. ✓✓ (2)

7 Imigqa 20 no-31.
Zibona uqombola ummango, uqopha umlando. ✓
Zitus' ikhono, ingqayizivele ✓ (2)

8 Ngiyavumelana ngoba enkondlweni kuthiwa
izimbong' eziningi ziyishayela ihlombe ingqalabutho. ✓
Izimbongi zitusa ikhono lengqalabutho elingajwayelekile. ✓ (2)

9 Nakuba asheshe washona/wahamba emhlabeni kodwa miningi imisebenzi ayenzile abasele abangafunda kuyona✓
Imisebenzi yakhe izogcinwa kusetshenzelwe phezu kwayo✓
Ifa eliyikhona lobumbongi lizogcinwa ngenkulu injabulo✓ (3)
[17]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 27. ISIBUYEKEZO

Isibuyekezo yilapho sibhala khona ngencwadi owayifunda/umcimbi owawuhambela/ifilimu owayibuka.

Okulindelekile:

- Ubhala ngenkathi edlule.
- Ubhala igama lencwadi/uhlobo lomcimbi/igama lefilimu.
- Izihlokwana zesibuyekezo mazihambisane nohlobo lwalokho ibhala ngakho.
- Ubhala okubalulekile ngokufingqiwe kusukela ekuqaleni kuze kufike ekugcineni.
- Umbhalo uncika emaqinisweni.
- Usebenzisa amagama achazayo.
- Bhala umbono wakho/izincomo/iziyalo.
- Amagama awabe inani elifanele.

Isibonelo: Umbuzo

Isikole sakho besinomcimbi wokubungaza amagugu esizwe owaziwa ngokuthi yi*Heritage Day*.

Bhala **isibuyekezo somcimbi** ebeninawo esikoleni.

Impendulo yalo mbuzo ingabhala kanje

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIBUYEKEZO SOMCIMBI

Uhlobo lomcimbi : Heritage Day

Usuku lomcimbi : 24 Septhemba 2025

Isikhathi : 12 emini

Indawo : Asoka High School

Abahleli bomcimbi : Abafundi bebanga le-10 kuya kwele-12

Umcimbi ngamafuphi:

- Abafundi nothisha bafika begqoke imvunulo ehambisana
- namasiko abo.
- Kwayiwa ehholo lesikole kwaculwa amaculo anhlobonhlobo,
- kwasinwa, kwadanswa imidanso eminingi.
- Othisha besilisa nabafundi babafana baya enkundleni yebhola,
- babaswa umlilo, kosiwa inyama ehlukahlukene, amavorosi kanye
- nommbila.
- Othisha besifazane nabafundi bamantombazane badeka amatafula
- kwabekwa izinhlobo zokudla kwezinhlanga ezahlukene.
- Kwalethwa iziphuzo ezibandayo nezishisayo.
- Kwahlalwa phansi kwadliwa.
- Wonke umuntu wayezitika ngalokho afuna ukukudla.
- Ukudla neziphuzo kwakungakhethi phela emasini.
- Emva kwalokho othisha benza imidlalo ababeyenza besebancane
- ukuze abafundi babone ukuthi kwakuphilwa kanjani kudala.
- - Injabulo yayichichima kuwo wonke umuntu.

Izincomo: Sengathi lo mcimbi ungenziwa yonke iminyaka ngoba ugqugquzela ubumbano nothando.

UMSEBENZI 28 ISIBUYEKEZO. UMSEBENZI WASEKILASINI/ WASEKHAYA

Khetha UMBUZO OWODWA kule elandelayo bese ubhala umsebenzi.

Bhala isibuyekezo sefilimu okade uyoyibuka nabangani bakho.

NOMA

Bhala isibuyekezo sencwadi emnandi oyifundile.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 28. UMLANDO NGOMUFI.

Okulindelekile:

- Isihloko esinamagama kamufi aphelele
- Usuku lokuzalwa nabazali bakhe
- Imininingwane yemfundo ephansi
- Imininingwane yemfundo ephakeme
- Imininingwane yomsebenzi namagalelo akhe emphakathini.
- Abantu bomndeni abashiyile.
- Umusho wokuvalelisa

Isibonelo:

Umfowenu oneminyaka engama-37 ushonile, umndeni ucele ukuba ubhale umlando wakhe.

Bhala **umlando ngomufi.**

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMLANDO NGOMUFI

Umlando ngo-

Nhlakanipho Zipho Zwane

(1988-2025)

UNhlakanipho Ziphozonke Zwane wazalwa mhla ziyi-11 kuLwezi 1988 endaweni yaseMandeni. Abazali bakhe uBhabhi Gloria Zwane (uMaMsibi) kanye noVelaphi Sizwesakhe Zwane (ongasekho). Udlule emhlabeni ngokukhulu ukuzuma emva kwengozi yemoto mhla ziyi-12 kuNcwaba 2025.

Waqala imfundo yakhe yamabanga aphansi eNqabayezwe Primary School. Waqhubeka waya eThathukusa High School, lapho aphothula khona umatikuletsheni. Izifundo zakhe zemfundo ephakeme wazenza e eHavard University, eMelika. Wathola iziqu ze-Bachelor of Technology.

Waqala ukusebenza enkampanini iBoston Telecommunications. Ukusebenza kwakhe ngokuzikhandla kwenza ukuthi asheshe akhushulelwe esikhundleni sokuba yiPhini Lomqondisi wenkampani.

Ngonyaka wezi-2020 washada noBusi Nkosi. Babusiswa ngabantwana ababili umfana nentombazane.
Emphakathini ubewusizo olukhulu, efundisa intsha ngezobuchwepheshe. Ubenikela ezintandaneni nasekhaya labadala ngemali nangezimpahla zokugqoka.

Ushiye emhlabeni unina, abafowabo abathathu, unkosikazi wakhe kanye nezingane zakhe ezimbili uZenande noSiphosethu.

Lala Nsele, Ntshosho, Linda kaMkhonto, Mangethe!
Sobonana kwelizayo.

QAPHELA : INANI LAMAGAMA AKABE PHAKATHI KWAYI-100 NE 120

LESI ISBONELO ESIPHELELE SOKULINDELEKILE . YINGAKHO EQILE.

UMSEBENZI 29. UMLANDO NGOMUFI. UMSEBENZI WASEKILASINI/WASEKHAYA

UMBUZO

Sebenzisa le minininingwane elandelayo ukubhala umlando ngomufi.

	Ayanda Silva Grootboom 11/03/2001-13/10/2025	

Downloaded from Stanmorephysics.com

UKUBHALA UMBIKO/IRIPHOTHI

Okulindelekile:

- Isihloko esiveza ukuthi kumayelana nani
- Umbiko uya kubani
- Usuku
- Isikhathi
- Indawo
- Chaza isigameko.
- Veza imininingwane yakho
- Sayina umbiko.
- Sebenzisa inkathi efanele.
- Amagama abe inani elifanele.

Isibonelo:

Ekilasini leziBalo ngenkathi uthisha esaphumile abafundi ababili basale balwa. Omunye wabo ulimale kakhulu. Uthishomkhulu ucele ukuba ubhale umbiko/iriphothi ngalokho okwenzekile.

Bhala **umbiko/iriphothi** ozoyinika uthishomkhulu.

Downloaded from Stanmorephysics.com

Uya ku : Mnu. S.E. Ngidi
Usuku : 22 Meyi 2025
Isikhathi: Ihora le-10 ekuseni
Indawo : Room 12 K

Okwenzekile:

- Emva kwesikhashana uthisha uMaduna ephumile kusuke umsindo ekilasi.
- USibonelo uye edeskini lika-Andile.
- Kuzwakale sekunomsindo omkhulu behilizisana.
- Abanye abafundi bamemezile bethi ku-Andile akashaye uSibonelo.
- Kube ubugunqugunqu kwawa amadeski nezitulo ngenkathi kungongaphansi nongaphezulu.
- Abanye abafundi bebethatha amavidyo esikhundleni sokuba balamule.
- Bobabili u-Ayanda noSibonelo bebethukana ngezinhlamba ngenkathi belwa.
- UPita uzamile ukungena phakathi kwabo kodwa kwanhlanga zimuka nomoya.
- Kuthe kungazelele muntu uSibonelo wakhipha isikelo ephaketheni lebhulukwe wagwaza u-Andile engalweni yangakwesokudla.
- Ngokuphazima kweso u-Andile ubesebomvu tebhu igazi umzimba wonke.
- Abafundi bamemeze kakhulu kwabe sekungena uthisha uGovender, wabathatha waya nabo ehhovisi likathishomkhulu.
- Abafundi abebethukile bathathiwe bayiswa ehhovisi kwabizwa abazali ukuba babalande.

Ubhalwe ngu: Thami Kruga

……..
Isiginesha

UMSEBENZI 31 UKUBHALA UMBIKO/IREPHOTHI UMSSEBENZI WASEKILASINI /WASEKHAYA

Ngesikhathi uzihlalele e*tuckshop* yasesikoleni ubone omunye wabafundi ekhipha umakhalekhukhwini esikhwameni sikaLulama. Abazali bakaLulama bavule icala. Lokulahleka kwamakhalekhukhwini waLulama esesikoleni.

Bhala **umbiko**/**iriphothi** ngalokhu okubonile.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 32. INKULUMO ELUNGISELELWE

Okulindelekile:

- Bhala isihloko.
- Bonga ithuba olinikiwe.
- Bingelela abantu ngokwezikhundla zabo.
- Ethula isihloko senkulumo yakho.
- Inkulumo yakho mayinamathele esihlokweni.
- Bhala ulimi olwamukelekile noluhambisana nezethameli.
- Inkulumo yakho mayithuthuke.
- Ekugcineni bonga izethameli nomphathi wohlelo.

Isibonelo:

Abazali bakho bakwenzele umcimbi wokugubha usuku lwakho lokuzalwa lweminyaka eyi-18.

Bhala **inkulumo elungiselelwe** ozeyethula kulo mcimbi.

Ngiyabonga mphathi wohlelo. Ngithanda ukubingelela abazali bami, izihlobo, omakhelwane nabangani.
Lolu suku kade ngalilinda. Phela abazali bami bangithembisa ngiseneminyaka eyi-10 bayongenzela indumezulu yosuku lokuzalwa uma ngiziphathe kahle.

Ukugubha lolu suku kukhombisa ngokusobala ukuthi ukuhlonipha nokulalela abazali kunemiphumela emihle. Baba nomama ngiswele imilomo eyizinkulungwane enginganibonga ngayo ngakho konke eningenzela kona. Ngibonga omzala, omakhelwane ngokungeseka nageziyalo. Phela indlela ibuzwa kwabaphambili.
Hhayi-ke okwabangani angisakuphathi. Ngiyabonga bangani bami ngokuthi sibe yila bantu esiyibona, singalahlekisani. Ngifisa lobu bungani buhlale bunje.

Ngiyabonga izipho, kwande lapho nithathe khona.
Ngiyabonga ngokunginika indlebe nokufika kulo mcimbi.

UMSEBENZI 33. INLUMO ELUNGISELELWE UMSEBENZI WASEKHAYA/ WASEKILASINI

Umphakathi wangakini uzobe ugubha usuku lwentsha (Youth Day) ngomhla we-16 Juni. Bakucele ukuba wethule inkulumo yokugqugquzela intsha ngobungozi bezidakamizwa.

Bhala **inkulumo elungiselelwe** ozoyethula ngosuku lwentsha.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 34. ISIKHANGISO. UMSEBENZI WASEKHAYA /WASEKILASINI

Okulindelekile**:**

Sifakwa ebhokisini

- Igama lokukhangiswayo libhawa ngokugqamile
- Sebenzisa ifonti exubile
- Amagama ahehayo nezithombe
- Izinhlobo zolimi: olukhohlisayo, olunxenxayo oluphoqayo, njl.
- Eminye imininingwane (ehambisana nokukhangiswayo):
- batholakala kuphi, nini, kanjani, njl.
- Imininingwane ebalulekile ngokukhangiswayo
  Inani lamagama elifanele.

Isibonelo:

Downloaded from Stanmorephysics.com

FIKELEPHI FLIGHT

Ndiza nathi ngamanani aphansi!

Angeke ubuzwe ubude bohambo noma ungaba semoyeni amahora amaningi.

Zizwe usekhaya ngokugibela ibhanoyi i**Fikelephi**.

- Izihlalo ezintofontofo
- Ukudla okwehla esiphundu

Sindizela kuwo wonke amazwekazi

Thenga ithikithi elilodwa esontweni lokuqala kwenyanga uthole elesibili mahhala.

Sithinte kulezi zinombolo: 08600 52525/ 031-3332045

Amathikithi atholakala:

- Kuma-*computicket*
- Ezikhumulweni sezindiza

Imithetho nemibandelo:
Ayibuyi imali uma usukhokhile wangahamba.

UMSEBENZI 35. ISIKHANGISO. UMSEBENZI WASEKILASINI/ WASEKHAYA

Uthole indawo entsha yokuwashela abantu amateku.

Bhala **isikhangiso** ukuheha abantu bezowasha endaweni yakho**.**

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 36. IKHADI LESIMEMO

IKHADI LESIMEMO

Okulindelekile:

- Alihambisane nohlobo lwesimemo
- Ubhala njengomuntu wesithathu
- Kuyancomeka ukuba libe sebhokisini
- Akuvele ngokucacile igama lomemayo nomenywayo
- Sebenzisa imishwana enolimi olwejwayelekile
- Usuku
- Isikhathi
- Indawo
- Eminye imininingwane ongayibhala (ayiphoqelekile):
  - uhlobo lwengqephu/indlela yokugqoka
  - umbala wosuku
  - okuphathwayo
  - Igama nenamba yomuntu okuphendulwa kuyena uma kunesidingo.

Amagama awabe inani elifanele (60-80 amagama)

Isibonelo:

Abazali bakho bazokwenzela umcimbi wokugubha usuku lokuzalwa njengoba uzobe uhlanganisa iminyaka engama-21.

Bhala **ikhadi lesimemo** ozomema ngalo bonke ofuna beze emcimbini wakho.

Downloaded from Stanmorephysics.com

21

USUKU LOKUZALWA OLUHLE

Khanyiile Zamani

Uyakumema emcimbini wokugubha usuku lwakhe lokuzalwa lweminyaka engama-21

Usuku: 30 Novemba 2025

Isikhathi: ihora loku-1 ntambama

Indawo: ICC Durban

Umbala wosuku: Omnyama negolide

Izingane azivumelekile

Iziphuzo ziyakhokhelwa

Impendulo: Phumla 066 111 5497 ngaphambi komhla we-15 Novemba 2025

UMSEBENZI 37. IMPENDULO YESIMEMO. UMSEBENZI WASEKILASINI/ WASEKHAYA

Uthole lesi simemo esingenhla.

Bhala **ikhadi impendulo yekhadi lesimemo** esingenhla.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 38. IDAYARI

Okulindelekile:

- Usuku
- Ilanga
- Ubhala ongathi uyakhuluma
- Iba senkathini ehambisana nomyalelo
- Ubhala ngolimi olukhululekile
- Amagama abe inani elifanele

Isibonelo:
Isikole sikaSakhile besiye ekhempini izinsuku ezintathu kusukela ngoLwesibili kuze kuba uLwesine. Buka idayari yakhe ayenzile:

26 Agasti 2025 uLwesibili

Sasuka ekuseni ngebhasi lesikole saya eHowick. Safika khona emva kwamahora amabili. Basamukela kahle basinika nendawo esizofaka kuyona amatende ethu. Salungisa konke esizokudinga ukuze sikhempe kahle.

---

27 Agasti 2025 uLwesithathu

Savuka ekuseni safaka izinto zokuzingela kobhakha bethu sahamba saya ehlathini. Saqala sacupha izinyamazane nonogwaja. Sahlala isikhathi eside kungaqhamuki lutho sase siya emfuleni kanti sizobamba inyamazane eyodwa. Sabuya sabasa umlilo sayihlinza sayosa. Salala sisuthi futhi sikhathele.

---

28 Agasti 2025 uLwesine

Sivuke ekuseni senza isidlo sasekuseni sadla. Sama isikokela sacula, othisha bathi asisho konke esikufundile kule khempu. Emva kwalokho siqoqe amatende nazo zonke izinto zokukhempa sazifaka ebhasini sase siyabuya. Sifike esikoleni ntambama abazali sebesilindile.

UMSEBENZI 39. IDAYARI. UMSEBENZI WASEKILASINI/ WASEKHAYA

Kade uhambile ukuyovakashela ugogo/ umngani wakho ngamaholidi.

Bhala **idayari** yezinsuku ezine ozihlalile.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 40. UMYALEZO OMFUSHANE (WHATSAPP)

Okulindelekile:

- Isakhiwo sihambisana nohlobo lombhalo
- Kusetshenziswa ulimi olukhululekile kepha olunomqondo ozwakalayo
- Izimpawu zisetshenziswa ngendlela ehambisana nabathumelelana umyalezo
- Amanye amagama angabhalwa ngokufingqiwe kulandelwe imithetho yokufinqa
- Kufanele kuvele ukuthi ubani othumele umyalezo, isikhathi nosuku
- Akubalulekile ukudweba umakhalekhukhwini/iselula
- Ama-emoji angabhalwa noma adwetshwe
- Amagama kumele abe inani elifanele

QAPHELA⟹ Kufanele ulandele umyalelo/umbuzo. Okubalulekile ukuthi uma ubhala impendulo usebenzise ubuciko ukuze amagama alandele uhlobo lombhalo. Khumbula akubhalwa inkulumo-mpendulwano.

UMYALEZO OMFUSHANE (WhatsApp)

Funda lo myalezo othunyelwe uLu kumngane wakhe uPhiwo bese ubhala impendulo

.

Downloaded from Stanmorephysics.com

Impendulo:
Impendulo kaPhiwo eya kuLu



UMSEBENZI 41. IMPENDULO YOMYALEZO. UMSEBENZI WASEKILASINI/WASEKHAYA

Kade ufunda umyalezo ku-instagram obhalwe enye yama-influencer egxeka (criticize) abantu abagqoka izingubo eziveza kakhulu umzimba.

Ungomunye wabantu abaphendulile ngalolu daba.

Bhala **impendulo** yakho.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 42. IRESIPHI

Okulindelekile uma ubhala iresiphi:

- Isihloko (Isb. saladi yezithelo/isitshulu senkukhu, njl)
- Izithako nezikalo zazo (Isb. 20g ufulawa,2L ubisi,2 izipuni ushukela, njl.)
- Indlela yokwenza (kumele kulandelana kahle kokwenziwayo)
- Izinto ozozisebenzisa (ipani,isitofu,ujeke,uhavini, njl.)
- Izinga lomlilo

Ungabhala umbono:

- abantu abangaki abangakudla/phuza
- kungadliwa/phuzwa nani/kanjani
- kuthatha isikhathi esingakanani ukukwenza/ukukupheka

QAPHELA-ibhalwa ngamaphuzu.

Isibonelo:

Isemishi elinempilo

Izithako: (ingredients)

2 izingcezu zesinkwa (esimhlophe/esimnyama)
2 izingcezu zikatamatisi (2 slices of tomato)
3 izingcezu zikashizi
2 izingcezu zika-anyanisi
2 izipuni zemayonesi / 5g imayonesi
7g ibhotela
2 amahlamvu kaletisi
3 izingcezu ezimbili / 10g ubhekeni
5 g usawoti

Indlela yokwenza: (method)

- thatha ucezu lwesinkwa uligcobe ibhotela
- faka amahlamvu kaletisi
- beka ushizi phezu kwamahlamvu kaletisi
- beka ubhekeni phezu kukashizi
- beka izingcezu zikatamatisi phezu kukabhekeni
- vuvuzela usawoti
- beka u-anyanisi
- thela i-mayonesi phezu kuka-anyanisi
- thatha ucezu lwesinkwa uligcobe ibhotela
- mboza zonke izithako ngocezu lwesinkwa
    - Sika phakathi nendawo
    - Ungalidla netiye noma ijusi.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 43. UKUBHALA UMYALELO. UMSEBENZI WASEKILASINI/ WASEKHAYA

Uqokiwe ukuba ugade abafundi ababhala izivivinyo zebanga lesi-8 esikoleni sakho.

Bhala **umyalelo** osephepheni abalibhalayo .